# IZWI ELINGAQONDAKALIYO

Ngijabule kakhulu ukuba ngibe lapha kulokhu ukusa, futhi sethemba izibusiso zeNkosi elungileyo ukuba ziphumule phezu kwalowo nalowo wenu. Futhi bengingazi ukuthi bengizoba lapha, kuthi ukumangalisa kimi. Kodwa bawuyekile umhlangano, eJalimane, elinye futhi iviki, ngenxa yaleyonto ethize eyenzekile, badingeka ukuthi basebenzise lesositadiyamu. Ngakho asiyi kuze kube yi—yiviki kusukela kuleliSonto elizayo.

2 NgeSonto elizayo, sizoba se. . .ngoMgqibelo ozayo nangeSonto, ezinkundleni zokukhempa zamaMethodisti eCampbellsville, eKentucky, owomkhankaso wokuphilisa. UMgqibelo ebusuku kuzoba yinkonzo yokuphilisa eCampbellsville, izinkundla zokukhempa zeMethodisti. NgeSonto elilandelayo ntambama, ngifuna ukushumayela uMlayezo weVangeli, uma iNkosi ithanda. Bese kuthi-ke ngeSonto ebusuku, futhi, kuzobakhona inkonzo yokuphilisa ezansi. . .Lokho kuseduze kwedolobha lasekhaya kithi, lapho engazalelwa khona futhi ngakhuliswa khona, noma ngazalelwa khona. Futhi ngakhuliswa lapha eIndiana. Ngakho nina eninabangane obefuna ukuza enkonzweni yokuphilisa, awu, iNkosi ithanda, sizobakhona ngoMgqibelo ozayo ntambama, noma kusihlwa, njalo. Ngiqagele iqala cishe ligamenxe elesikhombisa. Umelusi wethu othandekayo uzohamba nathi, ukulungisa ukucula kanjalonjalo.

3 Futhi kuzobakhona izinkonzo etabernakele, lapha, ngeSonto elizayo ekuseni nangeSonto kusihlwa. Futhi kuzobakhona onomoya omuhle kabi umfundisi lapha ukuba akhulume kini, ukumangaza. Ngakho, ngizovele ngikuyeke kulele kanjalo, ngoba sizama ukuthola omunye ozonimangaza kweyangeSonto elizayo. Futhi ngakho manje, nina eningeke nakwazi ukuba sezansi eCampbellsville, ukuba abe nathi emhlanganweni, ngani, wozani ngqo etabernakele elincane, nezinkonzo zizoqhubeka njengokwejwayelekile, ngeSonto elizayo ekuseni nangeSonto kusihlwa.

4 Sizophuma, uma kwenzeka ukuba abekhona omunye lapha owaseduze kwaseCampbellsville, ngokuvamile sizama ukuphuma senzela izinkonzo, kodwa lapho. . .sinabantu abangeke nje, ngesikhathi, ukuphuma kuleyomihlangano. Futhi sizoba nezinkonzo ikakhulukazi zabo nabafo abancane. Ngakho, wonke umuntu uyamenywa ngenhliziyo emhlophe kulezizinkonzo ezinhle.

5 Manje-ke, kwenzeka sathola i. . .Manje ukukhuluma ngesikhathi, ukuthi ngempela kwanda kanjani. Cabangani nje. Ngizosuka lapha ngeleshumi nanye nqo, ekuseni,

ngiphuma eLouisville. Nangentambama elandelayo, masinya emva kwelantshi, ngishumayela eLuxemburg, naseFrankfurt, eJalimane. Cabanga nje, kusukela ngeleshumi nanye nqo lapha, e. . . Ngisuka eLouisville ngeleshumi nanye, bese kuthi ngentambama elandelayo ngishumayela eFrankfurt, eJalimane; nomehluko ongamahora amahlanu, ngesikhathi, kususwa kuso, okwesikhathi. Cabanga ngalokho nje! He! Kul'khuni ukukholwa, akunjalo na? Kushesha kakhulu! Kodwa kwenzeka ukuthi thina, ngomusa kaNkulunkulu, ukuthola omuhle ulayini wokwedlulisa, iPC-9 ukusuka lapha kuya eNew York; futhi, kusukela lapho kuqhubeke, nge Pan American. Isithatha isiyise ngqo eFrankfurt.

6 Sizoba lapho-ke i—izinsuku eziningana, bese-ke siyahamba ukusuka lapho siye eBerlin. Nano—noHal Herman odumileyo, ngizoba naye ubusuku obubili eBerlin, eJalimane. Umqondisi wamabhayisikobho odumile osephendukile, waseHollywood, futhi waphenduka komunye wemihlangano ngaphandle lapho. Futhi uyiJalimane, ngokuzalwa. Futhi usebuyele eJalimane, eshumayela iVangeli phansi kwethende elikhulu eBerlin. Nezinkulungwane eziningi ziyeza zivela ngemuva kwekhethini lensimbi. Ku. . .

7 Ngempela kuyinto efikiselana umunyu. Ngokuny'ukusa, ngangihlezi eZurich, eSwitzerland, futhi, manje-ke, kwakukhona abantu abaningi kakhulu. Sasinabantu abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amabili-nesithupha lapho emhlanganweni, ngakho sasingakwazi ukuphuma endaweni, kul'khuni. Futhi ngakho wonk'umuntu, niyazi, kufikiselana umunyu, futhi benxusa ukuba bakhulekelwe, futhi befuna ukwazi ukuthi iNkosi izothini kubo.

8 NeNkosi yathi kimi, "Phuma bese wehla uye ngasogwini lolwandle, noma ogwini lwechibikazi." ISwitzerland iyizwe elihle kabi.

Ngase ngithi, "Billy, wena hamba nami."

9 Wathi, "Manje, baba, ulungiselela ukuzihilela yonke indawo phandle lapho, futhi uzodingeka ukuba uthole amaphoyisa."

10 Ngase ngithi, "Awu, iNkosi ingitshela ukuba ngehle ngiye ngasogwini." Ngakho ngehla ngase ngihamba ngenyukela le ngakhona, akukho noyedwa. . . AmaJalimane, namaSwidi, neBelgium, neFrance, nabase Itali, emhlanganweni. Akekho owangiqondayo, nhlobo. Ngangihamba ngiqhubeka ngqo ngiya ngapho. Futhi nginendlela yohlobo lokuthi ngizifihle, kancanyana. Ngiyangabaza ukuthi umfowethu uqobo angangazi yini uma behlangana nami, niyabo. Ngakho. . . Futhi waye. . .

11 Ngangihamba ngiqonde ngakhona, sasesenyukela lapho sasesihlala phansi. NoBilly wathi, "Ngani, uyazi bayangazi, baba."

12 Wathi, "Awu." Ngathi, "bangahle bakwenze. Kodwa," ngathi, "INkosi ingitshele ukuba ngenyuke."

13 Ngathi, "Kodwa iNkosi ifuna wenzeni na?" Ukungabekezeli kwengane, niyazi.

Ngathi, "Izokunakekela lokho." Niyabo?

14 Ngakho sasesiqala ukuhamba sibuyela emuva, sigudla ugu. Ngabona umfo omdala ehleli lapho, ekhala, efunda, kanjalo. Ngathi, "Nango. Nguye lowo."

Wathi, "Awuzukuhamba ngezinyawo wenyuke bese ukhuluma naleyondoda?"

15 Ngathi, "Qhabo, izohamba yenyuke bese ikhuluma nami." Ngathi, "I. . ." Ngathi, "Manje ingeyakude le." Ngase ngithi, "Ize lapha; wudaba oluphuthumayo. Bhekisisa ubone uma leyondoda ingenakho engiphathele khona. Futhi kuphathelene nengalo yowesifazane. Niyabo?" Ngathi . . .

Wathi, "Wazi kanjani?"

16 Ngathi. "Umbono washaya nje, futhi leyo yindoda efanayo, yiyo leyo ehlezi khona lapho." Futhi ngakho ngathi, "Buka ngapha nje, bese uhamba wedlule eduze kwayo."

17 Sahamba sihamba sedlula ngakhona. Emizuzwaneni embalwa, wathi, "Baba, leyondoda iyasilandela."

18 Ngathi, "Ngiyakwazi. Futhi sizofika sijike ejikeni; sizowela ibriji elincane, futhi izohamba phambi kwami bese ingedlula khona lapho ebrijini. Buka ukuthi ayikwenzi yini."

Wathi, "Kulungile."

19 Ngakho, sahamba saqhubeka. Futhi nanso ima, yahamba phambi kwami, yase ingedlula khona impela ebrijini elincane. Yathi, "Mfowethu Branham?"

20 Yase ikhipha kowayo omncane . . . yayinojosaka omncane, njengemishuqulu yamanenekazi, yakhipha lapho isikhwanyana esincane sabesifazane sesandla sento ethize, ipaspoti yayo. Futhi yayingeyaseRashiya. Futhi yayineduku phakathi lapho eyayifuna ngikhulekele phezu kwalo, yase ilidabula imicu eyisithupha, yenzela owesifazane owayenengalo embi kabi eyayikade ilimele futhi ingasindi, futhi ishwabana. Futhi wayengumama wabantwana abahlanu. Imicu eyisithupha, niyabo, kuphelele nje.

21 Ngase ngiyibuka lepaspoti. YayingeyaseRashiya, enhla emva kwekhethini lensimbi. Nokucabanga ukuthi iNkosi uJesu yakwenza kanjani . . . Ngibona lowomRashiya ozihluphekelayo! Ngambuza ukuthi babebangaki ababesezansi lapho. Wathi, "Singamakhulu amaningana esedlulile emgqeni futhi sehlela emhlanganweni wakho."

Ngathi, "Waze kanjani ukuthi bengisezansi lapha na?"

Wathi, "Awu, sikuzwe ngomsakazo waseSwidi."

Ngase ngithi, “Sewake wezwa ngezinkonzo zami phezulu lapho na?”

22 Wathi, “Ngenkathi umfana omncane evuswa eFinland, lokho kwahamba kwaze kwayoshaya eRashiya.” Yonke indawo eRashiya; lowomfana omncane wavuswa kwabafileyo. Ngakho nje kuyakhombisa, uNkulunkulu unabantwana bakhe yonke indawo. Akanabo na?

23 NoHal Herman wangitshela, wathi, “Billy, siyoba lapho. . . ” Niyazi, kusondele emgqeni, lapho eBerlin. Wathi, “Kuyobakhona, mhlawumbe, abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, noma abantu abayizinkulungwane eziyishumi, bemi. Uma usukhipha inkonzo, emizuzwini eyishumi (entubeni engaphansi komhlaba) awusaboni-muntu.” Babuyela emuva emva kwekhethini lensimbi futhi. Baputshe njengezimvukuzane.

24 Ngakho kuyakhombisa nje ukuthi ngaphezu kwakho konke ukuphika uNkulunkulu, konke okokungamesabi uNkulunkulu, bonke ubuNazi, ubuHitler, ubuntaliyane, nobukhomanisi, abusoze behlula ukuKhanya kweVangeli. Kusalokhu kusezinhliziyweni zabantu. Futhi Kuyohambisa okwegagasi njalo njalo, nanjalo njalo, njalo. Soze Kwaphela.

25 Ngokuba uJesu wathi, “Phezu kwaleliDwala Ngiyakulakha iBandla laMi; namasango ehayidese awayiKulahlula.”

26 Akumangalisi na? Ukwazi ukuthi sona impela isizathu sokuthi nihlezi kulendlu eshisayo endadlana, kulokhu ukusa, namafeni aletha umoya ephephetha, yinto ethize phakathi kumuntu ibiza, aMandla afihliwe izwe elingazi lutho ngawo. Yilabo kuphela akade bengabahlanganyeli baWo, uyazi ukuthi Ayini.

27 Ngabe izipikha ezincane ziyasebenza phezulu lapho manje na? Esikhashaneni esedlule, bengingamzwisisi umfowethu othandekayo, emuva lapho, amafeni omoya ephenduka, futhi—futhi angikuqondanga okuningi abekusho.

28 Awu, siyajabula kulokhu ukusa ukunibona niphakathi, niphumile ngalolusuku olushisayo. Ningayikhohlwa inkonzo yangoLwesithathu ebusuku etabernakele. Futhi ngiqagele nizomuzwa uMfowethu Neville ngesikhathi esifanayo, ngoMgqibelo ozayo ekuseni, bese kuthi-ke mhlawumbe uzo—uzoqhubeka ngqo kusukela lapho, kwehliwe kuyiwe eCampbellsville ke, noma ngalokho kuhlwa, njalo, kwenzelwe inkonzo.

29 Futhi ngiyajabula ukubona uEdith omncane, nomndeni wakwaWright usukumile futhi kulokhu ukusa, uDadewethu Lawton, abaningi babanye benu lapha. Futhi ngithanda ukuzwa uDadewethu Angie nabo becula, “Uqondisa ukhozi emoyeni ongenandlela yezinyawo,” noma ngabe kwakuyini, ngenkathi engena. Ngangikujabulela.

30 Bengizama ukuxhawulana noMfowethu Fleeman, emuva laphaya, futhi ngikhulume naye umzuzwana. Futhi yileyondlela . . . Angikutholanga ncamashi ukuthi bekuyini. Ake sibone. [UMfowethu Branham buthule ufunda isicelo somkhuleko—Umhl.] Omunye umuntu lapha ufuna . . . Ngumkhuleko wesitho, umuntu.

31 Awu, ngeSonto eledlule ebusuku saba nomhlangano omangalisayo ngale eBandleni LoMnyango Ovulekileyo, iNkosi yenza isimangaliso esikhulu lapho. Futhi sekuthi akugcwale lapho indlu igcwele abantu leli—leliviki. Ngakho bekuyisikhathi esikhulu. O, esininginingi isimo sokushisa kwezulu. Kodwa, nokho, makabongwe uNkulunkulu, siyakwazi ukuthi sibe lapha endlini yeNkosi, kulokhu ukusa, futhi silungele ukukhonza iNkosi.

Singakhuleka?

32 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga njengamanje, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho ethandekayo, ngakho konke lokho Esenzele khona. Nokusithethelela izono zethu, nokusimemela kulena emangalisayo, inhlanganyelo emangalisayo yokuhlupheka kwaKhe, nalenhlanganyelo yeNkazimulo yaKhe elandele ukuvuka, ukwazi lokhu ngesiminya, ukuthi uJesu wavuka kwabafileyo futhi uyaphila phakathi kwethu namhlanje. SiMthanda kanjani pho ngalokho Akwenzile! UkuMbona, ukuthi Ubaphilisa kanjani abagulayo, wenza leyo encane, intombazane eyimpumputhe (ifunda iBreyli), ngobunye ubusuku, amehlo ayo ukuba avuleke, yase ihamba indlu yonke, kufakazisa kubantu ukuthi Uvukile kwabafileyo.

33 Namanje sikhuleka kuWe, o, Nkulunkulu omkhulu ovukileyo, uNkulunkulu wawonkulunkulu bonke, iGunya eliKhulu kunawo onke phezu kwezinto zonke ekhona emazulwini nasemhlabeni, Mbusi noMenzi. Sikhulekela ukuthi uBuntu baKho obukhulu bobukhosi buzosibusisa namhlanje, nobuKhosi baKho obukhulu bugibele ezinhliziyweni zonke, kulokhu ukusa, Baba, futhi ukulawule konke. Sicela inkazimulo kaNkulunkulu. EGameni likaJesu siyakhuleka. Amen.

34 Ngale eNcwadini yabaseKorinte bokuQala, ngendlela yendikimba nje, uma besingayibiza ngalokho, okwemizuzwana embalwa. Sizothanda ukufunda ivesi noma amabili lapha, ukusinika isendlalelo nobufakazi obuncane engifuna ukunitshela bona ngaphambi kokuba siqale ukukhuluma.

35 Nginamanothi ambalwa abhalwe phansi lapha, ezinto ezehlukene engifuna ukuzisho kini mayelana nezinkonzo, nento ethize eyenzeka ngoluny'usuku. Ngakho, ngeke ngakukhohlwa, ngiyethemba.

36 Manje, kwabaseKorinte bokuQala. IZwi likaNkulunkulu njalo lingelokuqala ezintweni zonke. Lingelokuqala. Gcinani

iZwi laKhe. Namanje esahlukweni 14, futhi siqale ngevesi 6, ngifunda lokhu.

> *Manje-ke, bazalwane, uma ngiza kini ngikhuluma ngezilimi,* kuy*a*—kuy*aku nisiza ngani, uma* ni. . . *ngingakhulumi kini noma ngokwambula, noma ngokwazi, noma ngokuprofetha, noma ngokufundisa na?*
>
> *Nezinto ezingenamphefumulo ezikhalayo, noma yigenkle*. . .*ihabhu*, noma *zingakhali ngokwahlukeneyo, kuzakwaziwa kanjani* ukuthi yigenkle *na* habhu *na?*
>
> *Ngokuba uma icilongo likhala ngezwi elingaqondakaliyo*, *ngubani oyakuzilungiselela ukulwa na?* (Kukhuluma uPawulu.)

37 Manje-ke ngale emaHubweni, amaHubo 1, sifunda lokhu. "Ubusisiwe umuntu uNkulunkulu ongayikumbalela unright-. . .-ukulunga, noma isono." Nomuntu obusisiwe ungumuntu ohlukile. Kukhuluma uDavide, esho ukuthi wayebusiswe kanjani, ukuthi, "Umuntu obusisiwe, wayenjengomuthi otshalwe ngasemifuleni yamanzi," emaHubweni 1, "nokuthi uyothela kanjani isithelo sakhe ngesikhathi sakhe sonyaka. Ongamesabi uNkulunkulu angeke abenjalo, kodwa u—uyobhubha," kanjalonjalo. Kodwa, u—umuntu obusisiwe wayengumuntu kaNkulunkulu.

38 Futhi manje ngifuna, njengalokhu nje bengebaningi kakhulu lapha namhlanje, futhi ngethemba ukuthi akushisi kakhulu kini ukuba nihlale lapho, imizuzwana embalwa, noma okungenani imizuzu engamashumi amane-nanhlanu. Ngingathanda ukukhuluma nani, inhliziyo-nenhliziyo, namhlanje.

39 Etabernakele, angilitholi ithuba lokwenza lokhu kaningi, noma ngaphandle emihlanganweni, ukufundisa imfundiso, noma ukusho izinto engifuna ukuzisho. Kodwa, phandle lapho, kuhlala njalo kuyizifundo zokuphilisa kukaNkulunkulu. Nangaphandle kwamanye amabandla, lapho ukwehluka kwabo kuxubana khona, namahlelo athize afundisa isayense yezenkolo ehlukile, awu, manje-ke, a—angikwazi ukukusho, ngoba kulimaza imizwa, kanjalonjalo. Ngisho, ngesinye isikhathi, iZwi lishunyayelwa, kalula futhi ngokucacile, kulimaza imizwa. Nento engcono kunayo yonke yokuba yenziwe ingukuba nje nihlale emigomeni eyimisuka ka—kaJesu Kristu uma siphandle lapho, nokufa kwaKhe, ukumbelwa, ukuvuka, namandla aKhe—aKhe nothando ngabantu. Futhi ngaleyondlela akubangeli kudideka.

40 Ngoba, angi. . .kimi, akunandaba kimi ukuthi abantu bamabandla basonta kuphi. Into enkulu ngukuthi uma bengumKristu. Uma uyiKatolika, uma uyiProtestane, uma uyiMethodisti, iBaptisti, kumbe noma ungaba yini; inqobo

nje uma ungumKristu, leyo yiyonanto enkulu. UKristu akabheki ibandla osonta kulo. Ngoba, ayobhubha futhi amuke ngoluny'usuku, futhi abhidlike, futhi awayikuphinde acatshangwe. Kodwa u—umgomo wobuKristu yizimo zenhliziyo ngakuNkulunkulu. Futhi yileyonto esithanda ukuyinakisisa; ngukwazi umzalwane, hhayi ngebandla asonta kulo, noma uzigqoka kanjani izingubo zakhe, kodwa lokho ayikho enhliziyweni yakhe.

41 Manje, indaba yami kulokhu ukusa, kusobala, ithi: *IZwi ElingaQondakaliyo*.

42 Manje ziningi izinto ekhalayo. Futhi maningi amazwi angaqondakaliyo namhlanje. Kukhona ukungaqondakali ndawo zonke. Ndawo zonke lapho obuka khona, ezindabeni zesizwe, ngu—ngukungaqondakali.

43 Imihlangano yamazwe amakhulu amane, ingukuthi, ahlangana ndawonye. Abhala izimemezelo ngokuphelele, kodwa kukhona ukungaqondakali ukuthi ingabe elinye lisigcina yini isithembiso sawo—sawo esiyisifungo, noma qha. Kukhona ukungaqondakali ukuthi ingabe lizokuna yini kusasa, noma ingabe lizobalela. Kungukungaqondakali kuzo zonke izinto enizibukayo, kodwa into eyodwa, leyo ikuKristu. Niyabo? Yileyonto eyodwa ongaba nesiqiniseko ngayo, leyo iyaqondakala.

44 Futhi kukhona eny'into eqiniseke ngokoqobo kuwo wonke umuntu ophakathi lapha. Ngifuna ukushiya lowomcabango kini, okokuqala nje. Akuqondakali noma uzophila ukuba uphume kulendlu yesonto noma qha. Akuqondakali noma uyoke ubuye futhi noma qha. Akuqondakali noma uyokubona ukuphila komunye unyaka. Kodwa yinye into eqiniseke ngempela; lokho ngukufa, nokwaHlulelwa kamuva. Uqiniseke nje ngempela ukuba ubonane nalokho njengoba uNkulunkulu enjalo eZulwini.

45 Ungenza usuku lokubonana nomkakho, bese uthi, "S'thandwa, ngizokuthatha ngikuse endaweni ethize." Into ethize ingahle ivuke ukuthi ngeke ukwenze lokho. Ungahle ungakwazi ukugcina lolosuku lokubonana.

46 Ungahle utshele umngane wakho omkhulu kunabobonke, "Mfowethu, ngizobonana nawe. Ngizokwenza into ethize. Ngizokunika imali, noma ngizokunika imoto yami." Lonke uhlobo lwe in- . . . ukungaqondakali kwalokho.

47 Kodwa kukhona into eyodwa eqinisileyo, lokho ngukuthi, "Uzofa, futhi, emva kwalokho, uzodibana nokwaHlulelwa." Ngakho kukhumbule lokho sisakhuluma ngokungaqondakali.

48 Manje kukhona abantu ocabanga, ukuthi, "Ukuze nje siyongena esontweni, ukuze nje sibe abe sonto, ukuze sizwe intshumayelo emnandi ngasikhathi, kanjalo njalo, lokho kulungile."

49 Manje, njengalokhu kushisa nakho konke, futhi ngiyajuluka kanjalo, naphansi kwalefeni nakho konke, ngokwejwayelekile kungenza ngishe izwi.

50 Ngifuna nje ukukhuluma nani namhlanje, uma ngingahle ngikwazi, ukunifundisa, ezinye izinto engaziyo ukuthi nifanele nikwazi. Nalokho yinto ezonenza nibe ngcono, ezonisiza nisahamba endleleni. Ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzongisiza namhlanje ukuba ngedlulise into ethize kini, ezonenza niqonde ukuthi yini enifanele nibe yiyo nokuthi nifanele nibe yini. Futhi, ngokunitshela, kuzongenza nami ngiqonde, ukuthi ngizofanele ngibe ngumuntu ongcono kunalokho engiyikho nalokho ebengiyikho. Futhi usuku ngalunye, mangivuke ngithi ukuphakama kancane, ngisondele kakhulu kuKristu. Yilokho esikukhonela lapha kulokhu ukusa, ebuqothweni nobumhlophe bezinhliziyo zethu.

51 Ngikholwa ukuthi besingeke size esontweni, kushisa namhlanje, lapho esizodingeka ukuba sihlale khona lapha futhi sihlupheke phansi kokushisa, ukuba nje size esontweni ukuba nje kube ukuzijabulisa ukuba size. Ngikholwa ukuthi kukhona into ethize eniyizelayo, lokho ngukuthi, ngukuzela uKristu.

52 Anizeli neze ukuzozwa mina. Nakuba ngingenza konke ngamandla ami engingakwenza, kodwa angizange ngidonsele-muntu kuNkulunkulu. Akekho ongakudonsa kodwa nguKristu.

53 Nizela ukuzozwa ukucula, mhlampe. Ukucula kuhle kakhulu. Siyaluthanda lolohlobo lokucula. Kodwa ukucula akubadonseli abantu kuKristu. Ngu—nguMoya oNgcwele odonsela abantu kuKristu. Niyabo?

54 Ukushumayela akudonsi, nakuba sizama konke esingakwenza ngamandla ethu. Umelusi nami, senza konke okusemandleni ethu uku—ukudonsela abantu kuKristu, noma ukushumayela iVangeli, kodwa nguMoya oNgcwele Ozofanele udonse inhliziyo yakho bese umemeza kuwe ngalelozwi eliqondakalayo. Singalishumayela iVangeli, ngalokho esicabanga ukuthi kulungile, kodwa uMoya oNgcwele uzofanele uumemeze kuwe ngezwi eliqondakalayo elinkeneneza enhliziyweni yakho. Futhi kukhona izwi eliqondakalayo.

55 "Kukhona indlela, futhi, ebukeka ilungile kumuntu, kepha ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa."

56 Kuthe ukuchezuka kancane endabeni, kodwa ngifuna ukuhlala kulokho umzuzwana nje, mayelana na—nabantu abathize engingahle ngibathathe emqondweni wami, umuntu oyinsumansumane, bese ngikwetha igama elithi uNkk. John Doe. LoNkk. John Doe, ngenkathi ekhuliswa ebandleni wayengowesifazane onomoya omuhle. Wayemthanda uNkulunkulu. O, wayeya esontweni nomama wakhe. Wafundiswa uku—ukuba enze lokho okwakulungile.

57 Manje, Nkulunkulu siphe abanye abaningi balabomama abayifeshini endala abazofundisa amantombazane abo nabafana ukuthi kwenziwa kanjani okulungileyo, ukwazi okulungile kokungalungile! Yilokho esikudingayo namhlanje. Sinoluningi kakhulu olunye uhlobo lwezibonelo phambi kwabantu bethu abasha, njengoku, bhema, ukuphuza, ukuphuza kakhulu utshwala edilini, kanjalonjalo, okungafanele, futhi kungomama, ababizwa kanjalo.

58 Manje qaphelani. E—emzimbeni womuntu, ukwakhiwa kwethu, isakhiwo somzimba esiphila kuwo lapha, awenzelwe ukuthi wone. Wenzelwe ukuba wenze okulungileyo. Wenzelwe ukukhonza uNkulunkulu.

59 UNkulunkulu akazange akwenzele ukuthi usebenze nje, bese uza ekhaya bese uthanda abantwana bakho. Lokho konke kuhle ngokwenele. UNkulunkulu wakwenzela ukuba usebenze. UNkulunkulu wakwenzela ukuba uze ekhaya, uthande abantwana bakho, uthande unkosikazi wakho, nonkosikazi ukuba athembeke futhi athande umyeni wakhe; abantwana bathande ubaba wabo nomama. Lokho konke kuhle. Kodwa uNkulunkulu wakwenza . . .

60 Lokho nje yizendlalelo zokuthize uNkulunkulu ukuba ukwenze. UNkulunkulu wakwenza ukuba ube ngumkhonzi, umkhonzi waKhe. Uyokhonza into ethize kungakhathaleki ukuthi iyini. Uyokhonza unkosikazi wakho. Uyokhonza abantwana bakho. Uyokhonza noma yini; imoto yakho, eyakho . . . Uyokhonza injabulo yakho. Uyokhonza okuthize ngoba kusesintwini ukukhonza. Manje sifuna ukwazi ukuthi sikhonzani.

61 UJesu watshela owesifazane emthonjeni, wathi, "Nikhonza, eningakwaziyo. Thina maJuda, sikhonza . . . Siyazi ukuthi sikhonza uNkulunkulu, ngoba insindiso ingeyeJuda."

62 Manje, nowesifazane useyaqala-ke ukuMchazela ukuthi ukanjani . . . "Omunye wathi, 'Entabeni,' omunye wathi, 'EJerusalema.'"

63 Wathi, "Ihora liyeza, namanje selikhona, lapho uBaba eyofuna abakhonzi abayoMkhonza ngoMoya nangeQiniso. Ngokuba uNkulunkulu unguMoya, nalabo abaMkhonzayo bafanele baMkhonze ngoMoya neQiniso."

64 Njengoba bengisho, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, kuphakathi kokuthi kulapha noma ndawondawo, ngikhuluma ngomshini wokuhlola amanga. Manje qaphelani ngokusondela manje. Ngifuna ninake ngokusondele. Beka kuwe umshini wokuhlola amanga, futhi uzama ukulingisa i . . . leloqiniso, bese uzama ukuthi uthi lelo yiqiniso, kodwa phansi ngaphakathi kuwe, ekuzweni konembeza omncane, kukhona indawo ebizwa ngomphefumulo. Nalengqondo yenhlakanipho ayikubusi lokho-kudikizela komgudu. Ingqondo ingumqondisi kuphela.

Iyokuqondisa, futhi ibuthakathaka kakhulu ekukuletheni kuNkulunkulu; ingqondo yakho. Ungeke wamazi uNkulunkulu ngengqondo yakho, inhlakanipho. Ingenye yezingcebo, noma imigudu ezoholela kuyo, kodwa umphefumulo wakho yiwona okubusayo. Uyilokho oyikho, ngomphefumulo wakho.

65 UJesu wathi kubaFarisi, wathi, "Ngani, nina bazenzisi. Ningakhuluma kanjani okuhle na?"

Ngenkathi, beMbiza ngokuthi, "Nkosi enhle," kanjalo njalo.

66 Wathi, "Izindebe zikhuluma ngokuchichima kwenhliziyo. Nasenhliziyweni yenu niyaNgizonda. Nasezindebeni zenu niNgibiza nithi, 'Nkosi enhle.'" Wathi, "Nina bazenzisi!"

67 Niyabo, umphefumulo wakho ucabanga into eyodwa, futhi ukhuluma ngezindebe zakho enye into! Indaba enje pho! Into embi kakhulu kangaka pho! Umzenzisi uyinto ekhohlisa kanje pho! Ngokuba, engqondweni yabo basho enye into, kanti umphefumulo wabo usho enye into.

68 Manje, umshini wokuhlola amanga awuyikusebenza engqondweni yakho. Uyosebenza emphefumulweni wakho. Awuyikusebenza enhlakaniphweni yakho. Kukhona abanye abantu abangalingisa iqiniso. Bayalingisa. Nokho, kungamanga, futhi bangalingisa baze bedukise njenganoma yini.

69 NoSathane uyena odlula konke okukhona, ngokuba udukise uEva ngaleyondlela, esho lezozinto ezifanayo. Namanga amakhulu kunawo onke, asake akhulunywa, ayenenqwaba yeqiniso kuwo.

70 Manje, lomuntu, ukuba-ke wawuke wathola lomphefumulo ngaphakathi, uzwana kakhulu noNkulunkulu, ukuthi umphefumulo wakho noNkulunkulu uze ube munye, ndawonye, khona-ke ubungacela lokho okuthandayo, futhi uyakuphiwa khona.

71 Abantu abaningi beza kimi, izikhathi eziningi emgqeni womkhuleko, bese bema lapho bese bethi, "O, Mfowethu Branham, nginokuningi kakhulu ukukholwa. Nginokukholwa ngangokugudluza izintaba." Futhi, nokho, abanakukholwa. Kul'khuni ukuthi babe nokukholwa okwenele ukuba baye emsamo. Kodwa banokuzwa into eyodwa, ukuthi bayakholwa. Bakholwa ngokwenhlakanipho ngengqondo yabo. Nengqondo yabo ayisoze yabaletha kuNkulunkulu. Ingqondo yakho yimizindlo. NoNkulunkulu akanamizindlo.

72 Uma ungahle ukuzindle, ingqondo yakho izokutshela, "Manje buka lapha, udokotela uthi angeke ngakunqoba lokho. Akunakwenzeka."

73 Manje, udokotela, nenhlakanipho yakhe, nobuhlakani bakhe, nolwazi lwakhe lwesayense yezemithi, ukutshele okwedlula konke ukuhamba kwenqondo yakhe. Futhi wena ukuthathe wakufaka enhliziyweni yakho, futhi usebenzisa

into efanayo udokotela akutshele yona, u...UNkulunkulu ngeke neze awuthinte lowolayini, inqobo nje uma uzindla. Kodwa masibeke phansi ukuzindla. UNkulunkulu akazange asenze ukuba siphile ngenhlakanipho yethu. Siphila ngoMoya oNgcwele osemphefumulweni wethu, othi "qha" kunoma yimiphi imizindlo ophambene neZwi likaNkulunkulu.

74 Uma iZwi lithi kunjalo, akukho lutho ezweni oluma endleleni yaLo. Bese-ke uma wenza lokho, wehlela ngakwesokudla sikaNkulunkulu. Uyehla uze ucele okufunayo, futhi uyophiwa khona, ngokuba akukho lutho oluphakathi kwalapho. Akukho kuzindla. Asilahle lezozizindlo. Zimi endleleni yakho. Khipha ingqondo yakho endleleni. Futhi ungakusho okuzindlayo, okubonayo, okucabangayo. Shono lokho uNkulunkulu athi kuyiQiniso. Nalokho kungavela kuphela ngaphakathi, enhliziyweni, hhayi ezinhlakaniphweni.

75 Yilapho abantu abaningi kakhulu, namhlanje, kuzoba ukudumala okwesabeka kakhulu ngoSuku lokwaHlulelwa. Ukwazi ukuthi bahlale ebandleni, ukwazi ukuthi benze imisebenzi emihle, ukwazi ukuthi bamphathe kahle umakhelwane wabo, ukwazi ukuthi bebethembekile kubantu, bethembekile ebandleni; nasengqondweni yabo bakukholiwe lokho, uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, futhi balahlwe ngoSuku lokwaHlulelwa.

76 UJesu wathi, "Baningi ababiziweyo futhi bayingcosana abakhethiweyo. Isango lincane nendlela iyingcingo eyisa ekuPhileni, futhi kepha bayingcosana lapho abayoba yilowo oyifumanayo."

77 Manje kinina bantu lapha kulokhu ukusa, ngi—ngifuna nihlale niqonde futhi niqaphele lokhu. Senibadala ngokwenele manje. Senikuzwe ngokwenele ukushunyayelwa kweVangeli senize nifanele nikwazi uku—ukuyeka ubisi, nokuthi nize ohlobweni lokudla kwangempela kweVangeli; nize endaweni lapho abesilisa nabesifazane befanele bame. UPawulu wathi, "Nxa benifanele nibe ngabafundisi, kungani, nisafanele nifundiswe, namanje."

78 Manje emphefumulweni, lapho umuntu ehlala khona, uyilokho oyikho emphefumulweni wakho. Hhayi engqondweni yakho, hhayi ekuzindleni kwakho, hhayi ngoba uthi, "Ngizoba nokuqonda okungcono. Ngingazimatanisa nesixuku esingcono uma ngiba ngumKristu." Lokho ukuzindla. Niyabo? Awufanele wenze lokho. Ungakwenzi lokho. Makuvele olwazini lokuzibonela olusha, ukuZalwa okusha; into eyenzeka hhayi engqondweni, kodwa emphefumulweni, okususe yonke imizindlo, bese uba yisidalwa esisha. Futhi ukuKristu Jesu.

79 UNkk. John Doe, wayengowesifazane olungileyo, ngokwazi kwethu. Wagana uMnu. Doe. Wayengowesilisa ongumKristu onomoya omuhle. Eneminyaka cishe, o, engamashumi

amathathu, kumbe noma into enjengaleyo, uNkk. Doe wayengowesifazane okhangayo. Uyaphuma futhi uqala ukuzimatanisa nomakhelwane. Uphumela phakathi kwesixuku sasezweni. Manje, qaphelani, uphumela phakathi kwesixuku. Uqala ukuzimatanisa nabo bonke abanye; hhayi abantu ababi; abantu abalungileyo, abantu benkolo mhlawumbe kulabo akhelene nabo. Uqala ukuzimatanisa nalabobantu. Futhi esazimatanisa nalabobantu . . . Uyazi ukuthi ungowesifazane olungileyo.

80 Nento yokuqala niyazi, kukhona okumbambayo. Ukhangwa ngenye indoda. Ngani, uyindoda ekhangeka kakhulu. Ikhangeka ukwedlula umyeni wakhe. Futhi kukhona okwenzeka kuye, ukuthi uzizwa ethandana nalendoda.

81 Manje lalelani. Phansi le ekujuleni emphefumulweni wakhe, iZwi likaNkulunkulu liqala ukubila, futhi lithi, "Unephutha. Isifungo sakho singukuthi uyo 'namathela kulendoda nize nehlukaniswe ukufa,' akunandaba ukuthi ibukeka injani."

82 Owesifazane okhanga kakhulu noma owesilisa, futhi kusebenza ngapha nangapha. Ufunge kulomuntu kuze kube sekufeni, nehlukane. Kodwa uyoya enhlakaniphweni. Uyocabanga, "Nangu uNkk. Jones. Ushaya upiyano. Ungowesifazane olungileyo. Ngani, wenze *lokhu*," nokudlinza. Uzobabona abanye besifazane beqala ukugqoka ngokwesimilo esibi, ukuthi bagqoka lezozingutshana ezindadlana abazigqokayo ngesikhathi sasehlobo khona lapha, ikakhulukazi, ebusika uma bengahle bakwazi. Ubunja impela nje! Futhi nizophuma.

83 Manje, manenekazi, ngifuna ningithethelele. Angifuni ukulimaza imizwa yenu. Angikho lapha ukuba ngilimaze imizwa yenu. UNkulunkulu uyazi ukuthi akusikho. Kodwa ngilapha njengomshumayeli weVangeli, ukunazisa ukuthi liyini iqiniso, bese-ke nenza ngalo lokho enifisa ukukwenza. Manje-ke uma nihamba ukuyokwenza lezozinto, niyoqala ukuzindla, "Uma lona wesifazane engakwenza! Waziwa kakhulu. Uyasonta. Uhlala ezikhundleni zomphakathi. Angikwenzi ngani mina na?" Lokho ngukuzindla, lapho umphefumulo wakho ukutshela ukuthi akulungile. UNkulunkulu wamboza owesifazane yonke indawo, nendoda yonke indawo, ensimini yase-Edene; akazange abahlubule izingubo. Niyabo? Kodwa kungukuzindla. Niyokuzindla, "Bonke abanye bayakwenza."

84 Mantombazane asemancane kakhulu, la—lalelani kulokhu ukusa eVangelini. IVangeli lathi, "Abesifazane mabagqoke izingubo ezifaneleyo," hhayi ezingafanele, "izingubo ezifaneleyo." Futhi kuya . . . Kuyihlazo.

85 Niyazi ukuthi bekungenzekani eZurich, eSwitzerland, uma owesifazane eza ehla ngomgwaqo egqoke njengoba kwenza laba

besifazane eMelika na? Bebengamphosa ejele khona lapho ne - clare . . . uthathwe ngokuthi uluhlunya. Impela.

86 Ngenkathi ngiya eRoma, eItaly, ngase ngenyukela ezinkundleni zokungcwaba abangcwele, babenayo ngisho nesayini esangweni, endaweni yokungcwaba eSaint Angelo, yomhume okwakulahlwa kuwo izidumbu, yase ithi, "Sifazane saseMelika, niyacelwa gqokani izingubo ngaphambi kokuba ningene kulendawo, ukuba nihloniphe abafile." Futhi enesimilo esibi, ezehlisa isithunzi, eyonakele, eyihlazo indawo enjengeItaly, futhi ize ikhulume amazwi anjalo. Nothisha bethu bayimbangela yakho, emsamo, ngokungalikhulumi iQiniso. Amen. Kunjalo.

87 Qaphelani, owesifazane uyaqhubeka. Ucabanga ukuthi ulungile. Emva kwesikhashana, uyamshiya umyeni wakhe. Usuka uyahamba futhi ugana lendoda engumthengisi ohambayo, ngoba iyabukeka, umfo omkhulu. Futhi emva kwesikhashana uthola ukuthi akasiyo indoda umyeni wakhe ayeyiyona. Niyabo, akanamusa, njengoba umyeni wakhe wayenjalo.

88 Futhi emva kwesikhashana, manje-ke, uyacabanga, "O, awu, ngikwenzile lokho, ngizothandana nomunye." Uyaqhubeka. Uyahamba uyaphambili. Uyasonta, ngokuqhubekayo. Umelusi akakaze alesule igama lakhe ebhukwini. Uyaqhubeka impela nje eya esontweni. Uphila nje lokho afuna ukukuphila.

89 Nento yokuqala niyazi, o, futhi wena uthi, "Manje buka, Nkk. Doe, uyakholelwa kuJesu Kristu na?"

90 "Ngayo yonke inhliziyo yami ngiyakholelwa kukho." Kodwa ukwenza kwakhe, izithelo zakhe, ziyafakazisa ukuthi akakholelwa. Ungalilaleli izwi elingaqondakaliyo. Malizwakale liphuma eVangelini lapha. Kuyafakazisa ukuthi akakholelwa. Ngokuba, ubengeke azenze lezozinto. Ubengeke enze ngaleyondlela. Ubeyoba nemicabango ehlukile. Ubezobuswa yinto ehlukile; umphefumulo wakhe.

91 Okokuqala uyaLidabukisa, emuva lapho, ngenkathi eqala ukuphuma, emehlisa emenyusa umyeni wakhe. Nansi inhlakanipho yakhe lapha; *nanku* umphefumulo wakhe lapha. Kukhona umugqa ohlukanisayo lapho, ukuthi uma uke uze unqamule, awusoze unqamule ubuye futhi. Awusoze wabuya futhi. Kucabangeni. Futhi ulokhu eqhubeka.

92 Futhi emva kwesikhashana, uma ona kulento ngaphakathi kwakhe, ekhuluma ngeZwi likaNkulunkulu, into yokuqala uyazi, uzofika engene shi kulenhlakanipho, eyeka umphefumulo wodwa. IBhayibheli lathi, "Umphefumulo owonayo, lowomphefumulo wokufa." *Ukufa* kusho "ukwehlukanisa."

93 Manje-ke, umphefumulo, unembeza oke ukulahle, awusekho futhi usuhambe ngakho konke wayongena enhlakaniphweni. Uyahamba uyojoyina elinye elidala, elibandayo, eliyibandla

ngegama nje elingakholelwa kulezozinto. Baphume baye engulubeni-idla-ingulube, futhi, into yokuqala uyazi, umphefumulo okulahlayo okokuqala mhla uqamba amanga, okokuqala ugqoka lezozingubo ezimfishane, okokuqala wenza izenzo zokungaziphathi kahle, ziyofa kakhulu kuwe, ungeke usakuzwa. Futhi uyohamba uqhubeke njalo njalo. Futhi emva kwesikhashana ukufa kuyokuthola.

94 Uphila ngaphandle ngaleya. Umelusi wakho uyofika bese ethi, "Zonke izinto zilungile, dadewethu. Usulungele ukuhamba manje. Yonke into ilungile." Uyokholwa okufanayo. Nento yokuqala uyazi, uma sekwehla . . .

95 Ngani? Nawo onke amandla okuzindla anawo! Uye esontweni. Unikele kokothando. Wenze yonke into elungileyo, ucabanga kanjalo, yonke into elungileyo engqondweni yakhe. Ulandele okungaphikiswa kwengqondo yakhe. "Ngiyazi ukuthi ngifanele ngiye esontweni. Ngiyazi ngifanele ngibe nobungani. Ngiyazi ngifanele ngimphathe kahle umakhelwane wami. Ngiyazi ngifanele ngenze *lokhu* na *lokho*." Kodwa, noma kunjalo, kuyini na? Umdabukisile *lo*Mfo.

96 Bese kuthi-ke, ehoreni lokufa kwakhe, lapho eselungela ukufa, ulele embhedeni. Futhi khona manjalo, uyavuka futhi uyampongoloza, "O, Nkulunkulu wami! Ngilahlekile! [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kabili—Umhl.]

97 Umelusi uyothi, "Mnikeni isidakamizwa ihayipo. Uyahhema." Futhi uyojova ngesidakamizwa ihayipo kuso. Futhi uyozama ukukhuluma. Akakwazi ukukhuluma. Uyovungama.

98 Kuyini na? Umphefumulo wakhe usubambene naye, ngaphambi kokufa. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] Akusibo abesifazane kuphela; abesilisa, nabo, abedelela uthando lukaJesu Kristu, oMenqabile, wahlekisa ngaLo. Liyobambana nawe ngoluny'usuku, ngokuqiniseke ngempela njengoba ngimi lapha kulokhu ukusa. [Ushaya kahlanu.] Ukudumaze kwaba manje, ngangokuthi awusakuzwa. Kodwa kuyokubamba ngesinye isikhathi, futhi. Kuyobuyela kuwe, izinto ezingcolile, izinto ezimbi, ukuncetheza, ukumpompa, ukuhleba, ukuzazi, nezinto ozenzile. Konke kubuyela kuwe, ngoluny'usuku, ulele embhedeni wokufa.

99 Yenze kanjalo inalithi yesidakamizwa ihayipo kulezizinsuku zokugcina imise izivumo zombhede wokufa kwezinkulungwane! "Mjove ngenalithi. Menze abe ndikindiki." Uzama ukukhuluma.

100 Kuyini na? Umphefumulo wakhe usubambene naye lapha. Lowomphefumulo nomoya yilento lapha, ukuthi inhlakanipho isilungela ukwehluleka. Kusengqondweni kuphela. Inhlakanipho, ophile ngayo, izobhubha. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] Kodwa lowomphefumulo owudabukisile enhlakaniphweni yakho, uzokuhlupha kuze kube Phakade. Amen.

101 Ningalilaleli izwi elingaqondakaliyo. Kholwani iVangeli, ekugcwaleni kwalo. Yebo, mnumzane. O, uthi, "Ngaya esontweni. Ngenza lokho okwakulungile. Ngakhokha izishumi zami." Lezozinto zilungile, kodwa lokho kuyinhlakanipho.

102 Futhi bukani, uma bezama ukuyeka, naleyonalithi yesidakamizwa ihayipo engalweni yabo, babayeke babe ndikindiki ukuze bangazi lutho, futhi bazama ukukhuluma. Umphefumulo wabo usubambene nabo. Bayaqonda ukuthi ukuzindla kwabo, ingqondo yabo, iyabhubha nobuchopho babo.

103 "'Bebhubha nobuchopho babo,' ingqondo na?" Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Ingqondo yakho izobhubha nokufa kwakho.

104 Ngizokufakazisa kini. Umshini wokuhlola amanga awuthathi ingqondo yakho; uthatha umphefumulo wakho. Ukudikiza kwemizwa yakho akuyi engqondweni yakho; kuya emphefumulweni wakho. Amen.

105 Ngakho, inhlakanipho yakho izofa uma ubuchopho bakho sebunqamuka ukuthi busebenze. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Uma igazi selehluleka ukuthululeka ledlulele ebuchosheni, nemizwa inqamuke, khona-ke ingqondo yakho iyahamba nomphefumulo wakho bese ubambana nawe.

106 Futhi uma lomphefumulo wowesifazane usubambana naye, bese ethi, "Nkulunkulu wami, ngilahlekile."

107 Futhi bacabanga ukuthi kunjalo, o, kungukuhhema. Bajova ngesidakamizwa ihayipo, inalithi kuye, bese eqala ukuba ndikindiki. Akabe esakwazi ukukhuluma. Uyazama. Uyagoqana. Usebuhlungwini. Nodokotela uthi, "Mnikeni omunye; nimthulise, ingelosi yokufa ize ishwibe umoya wakhe uphume kuye.

108 Kodwa, leyonalithi yesidakamizwa ihayipo ingathulisa inyama, ingathulisa ingqondo, kodwa lokho ngeke kwathulisa lowomphefumulo owaziyo ukuthi wona phambi kukaNkulunkulu. [UMfowethu Branham ushaya ephezu kwepulpiti kabili—Umhl.] Kuyomhlupha iminyaka enganqamukiyo, nasePhakadeni. Lowomphefumulo uyobe usalukhu uhlupheka futhi uhlupheka futhi uhlupheka, lapho iminyaka iphenduphenduka.

109 Wavelaphi na? Uyaphi na? Waphuma ePhakadeni. Wangena indaweni encane ethiwa yisikhathi. Uyaphuma esikhathini ungena ePhakadeni. Futhi lokho oyikho emphefumulweni wakho, lapho uphuma, uyofana. O, he. Kulungile.

110 Lokho kungcono kancane na? Ngithola nje . . . Ngiyaqaphela, kuthi ukuzwakala kakhudlwana ngakho. Kulungile. Lapho—lapho i . . . [Imibhobho noma omunye uphazamisa uMfowethu

Branham—Umhl.] Ngikholwa ukuthi u. . .KukuMfowethu Neville. Ngishumayela kanzinyana.

Kulungile, ungene ePhakadeni, nakho lapho okhona.

111 Omunye umelusi uyofika enyukele kowesifazane, athi, "Awu, udadewethu othandekayo, wayeyilunga elethembekile ngempela ebandleni lethu. Wayefika njalo ngosuku lwesabatha. Wasiza abampofu. Wasiza abadingayo. Wenze zonke lezizinto. Namhlanje useNkazimulweni."

112 Kodwa, ukuba iqiniso kuphela belaziwa, ngaphandle endaweni yokuhlupheka ethiwa yisihogo, lowomphefumulo ohlukane naye lapha emhlabeni, ukuthi walalela izwi elingaqondakaliyo. Futhi wasuka wayongena ePhakadeni engamazi uNkulunkulu, engamazi uKristu njengokuZalwa okusha. WaKukholwa enhliziyweni yakhe. WaKukholwa engqondweni yakhe. Wayecabanga ukuthi wayelungile, kodwa wayengalungile.

Ngumphefumulo wakho, okwenzayo. O Nkulunkulu, hawukela!

113 Lalelani izwi eliqondakalayo. IVangeli alinalo izwi elingaqondakaliyo. UPawulu wathi, "Uma i—uma icilongo likhala, uma isosha lizwa ukubethwa kwecilongo lasempini . . . "

114 Maningi amaqhawe amadala lapha kulokhu ukusa. Ayazi ukuthi kusho ukuthini ukuhlehlel'emuva. Ayazi ukuthi kuyini lamasayini ahlukene alokhu ukukhala kwecilongo lasempini. Futhi uma lelicilongo lasempini lingakhali ngezwi eliqondakalayo, nje umsindo omkhulu oyisixheke, lizokwazi kanjani isosha ukuthi lizilungiselele na?

115 Uma elinye ibandla lithi yenza *lokhu*, elinye lithi yenza *lokho*, nelinye ibandla lithi yenza *lokhu*, elinye lithi yenza *lokho*, uzokwazi kanjani umKristu ukuthi kufanele enzeni na? Elinye lisho into eyodwa, nelinye okunye.

116 Kodwa ngiyakutshela, mfowethu othandekayo, ngizokutshela indawo lapho elingekho khona izwi elingaqondakaliyo. Leyo iseBhayibhelini, iZwi likaNkulunkulu laPhakade! YiVangeli. NeVangeli lingaMandla nesibonakaliso sokwenza sikaMoya oNgcwele kufakwe ekusebenzeni. Yebo.

"Izwi elingaqondakaliyo."

117 UJesu emi emhlabeni, Uyazi lapho Ayemi khona. Wayazi ukuthi WayenguBani. Wathi, "NginaMandla okudela ukuphila kwaMi. NginaMandla okubuye ngikuthabathe." Akukho ukungaqondakali ngalokho. "Nginawo!" Haleluya! "Manje nginaMandla okukudela. NginaMandla okukucosha." Yebo, mnumzane. "Akekho oNgibambayo."

118 Noma yimuphi owesilisa noma owesifazane ozelwe nguMoya kaNkulunkulu uyazi lapho bemi khona, kungakhathaleki ukuthi

kwenzekani, noma bangaki othi yebo noma qha. Bayazi lapho bemi khona. Akukho-zwi elingaqondakaliyo. Haleluya! O, he!

119 Owesilisa onawo, owesifazane onawo, o, bangabantu ababusiswe kakhulu. Akumangalisi uDavide athi babebusisiwe, umuntu obusisiwe. Mbeke etafuleni lokuhlinzela, bese uthatha . . . uzame ukusika isibusiso usikhiphe kuye, awukutholi neze. KungaMandla afihliwe. AyiNto ethize efihliwe, o, kodwa Alapho. Wonke owesilisa nowesifazane owake waba naWo, babazi ukuthi babenaWo. Akukho kungaqondakali ngawo. Wonke umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, uyazi ukuthi uma edlula ekufeni engena ekuPhileni; uyayazi indawo, ihora, umzuzu. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasithupha—Umhl.] Uma ukufa sekuguqukele ekuPhileni; lapho ukungakholelwa eBhayibhelini, sekuguquke kwakholwa yilo lonke iZwi laLo; ukuqhosha, izinto zengqondo ephakeme sekwedlule; babangamaKristu azithobile, bayazi uma ukufa kwedlulele ekuPhileni. Amen.

120 Wonke umuntu owayenaWo, wayenento ethize ehlukile. Izwe lakwazi. Wonke owesifazane owayenaWo, wayenento ethize ehlukile, nezwe lalikwazi. Izwe lingaWabona. Izenzo zakho ziyafakazisa ukuthi wena uyini. Ungasho ukuthi unaWo, kodwa izenzo zethu zikhuluma kakhulu ngangokuthi abalizwa iphimbo lakho. Impilo yakho ikhuluma lokho oyikho.

121 USamsoni, wayeyindoda eyayinaWo. Manje, inqwaba yabantu izama ukwenza uSamsoni abe yindoda enamahlombe amakhulukazi nendoda enkulukazi ephumayo bese iqukula amasango omuzi bese isuka ihamba. Lokho akusikho, lokho akusiyo imfihlakalo enkulu kimi, ukubona indoda yenza lokho, namahlombe amakhulu *kangako*. USamsoni wayengesiyo indoda enkulu. Wonke umBhalo umbeka ngokuthi wayengumuntu omncanyanyana, umfo omncinyane impela. Futhi wayebusisiwe. Ngani na? Wazalwa ngaleyondlela.

122 Yileyondlela othola ngayo ukubusiswa, yilapho uma uzalwe ngaleyondlela. Hhayi uma umpristi othize ekubusisa, noma umshumayeli othize ekubhaphathiza. Kodwa lapho uNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele, enikeza ukuZalwa okusha, khona-ke uyazalwa, umntwana kaNkulunkulu.

123 USamsoni waWuvumela kuye. Futhi kwakungesuye uSamsoni, kwakungaMandla afihlakele kuye.

124 Akusilo igama elithize lomlingo. Akusikho ukuhlikihla unyawo lonogwaja emva kwendlebe yakho, uphimisele esicathulweni sehhashi bese ukuphosa ngapheseya, lokho kwenza umlingo. Lokho akusikho okwenza umuntu aphile impilo ehlukile; akwehlukene nokujoyina isonto, noma ukufaka igama lakho ebhukwini, noma ngokubhaphathizwa. Okwenza umuntu kungenkathi nxa uNkulunkulu, ngokuzalwa, kumnika

aMandla afihliwe, bese embusisa ngoMoya oNgcwele empilweni yakhe, okumenza abeyilokhu ayikho.

125 USamsoni, ngenkathi ephumela lapho, ibhubesi liza ngakuye. O, he, ibhubesi lalizomthola! Omncane, umuntu omncanyanyana onekhanda elinezinwele ezisongene, ethi akabe *kanjalo*; ayisikhombisa amancane, amagoda elenga emahlombe akhe. Futhi wayeyintekenteke, wayewuhlobo olufushanyana, wayebhashile, njengoba wonke umuntu unjalo ongenaNkulunkulu. Yebo. Kodwa, khonamanjalo, ngenkathi ibhubesi selilungele ukumthola, aMandla afihliwe aphuma. UMoya oNgcwele ufika phezu kwakhe. Wayeselidumela ibhubesi walibulala, sengathi kwakuyiwundlu.

126 Kulapho-ke. UmKristu akabuyiseli. UmKristu akaqophisani ngakho. UmKristu uhlala athule. NalawoMandla afihliwe, isibusiso sikaMoya oNgcwele uyahamba uyomsebenzela, ukukhiphe. Haleluya! Lokho . . .?. . .

127 UDavide wayenaWo. Ngenkathi esina phambi komphongolo weNkosi, wayenaWo. Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani, ngakho yingalesosizathu wayengamesabi uGoliyati. Kwakungesilo idwala uDavide ayenalo endwayimaneni elabulala uGoliyati. Kwakungesiyo indwayimane ayeyiphethe ngesandla sakhe eyabulala uGoliyati. Kwakungesiwo amatshe ayenawo ephaketheni lakhe akwenzayo. KwakungaMandla afihliwe, lesosibusiso sikaNkulunkulu. Lapho uDavide ededela lokho ayenakho, uNkulunkulu wakuthatha wakubusisa naMandla afihliwe. Ngakho, kwakungesuye uDavide, kwakungesilo itshe, kwakungesikho ukushaya ngendwayimane. Kwakuyilesosibusiso esasikuDavide, esabulala isitha sikaDavide. Amen.

128 Abantwana bamaHeberu babenaWo. Babenesibindi. Bathi, "UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula esithandweni somlilo. Kodwa asisoze sakhothama." Kwakungekho ukungaqondakali kulokho; akukho-zwi elingaqondakaliyo.

129 Lalingekho izwi elingaqondakaliyo kuDavide, lapho ethi, "Niqonde ukungitshela ukuthi nizoyeka i . . . lowomFilisti ongasokiwe ame lapho futhi eyise izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na?" Wathi, "Ngizolwa naye mina uqobo." Amen. Akukho ukungaqondakali. UDavide wayazi lapho ayemi khona.

130 "UNkulunkulu wathi, 'Davide, Ngakuthatha edlelweni ekwaluseni izimvu, lapho wawungelutho kuphela umfana wezimvu, futhi Ngenza igama lakho libe likhulu phakathi kwamadoda, njengamadoda amakhulu asezweni.'" [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasishiyagalolunye—Umhl.] UNatanayeli wambuka, wathi, "Yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngokuba uNkulunkulu unawe."

131 Akukho ukungaqondakali. Babemazi uNkulunkulu. Babenolwazi lokuzibonela. Akukho-zwi elingaqondakaliyo ngakho.

132 UDavide wathi, “Ngizohamba ngilwe naye, futhi namhlanje ngizomnquma ikhanda.” Akukho ukungaqondakali. Kwakungesuye uDavide; kwakunguNkulunkulu kuye. KwakuyilawoMandla afihliwe. Akukho nokuncinyane ukungaqondakali. Konke kuyavuma. Akukho okuphikayo.

133 Abantwana bamaHeberu bathi, “Asiyikukhothama konkulunkulu bakho. Asiyikukhonza inkonzo yakho eyiyo ngegama nje. UNkulunkulu unamandla okusikhulula. Kodwa uma Engasikhululi, siyavuma ukufa.”

134 Phakathi esithandweni somlilo! Futhi niyazi ukuthi kwenzekani na? Lapho bethatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi bahamba bayongena esithandweni somlilo, lawoMandla afihliwe ayaphuma. Amen. Bama babazungeza yonke indawo, futhi babenenhlanganyelo. Ofana neNdodana kaNkulunkulu wama phakathi kwabo, ephebeza imimoya eshisayo, futhi benenhlanganyelo phakathi kobunzima obukhulu kunabo bonke abake bedlula kubo.

135 Futhi wonke owesilisa nowesifazane ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, uma kufika ihora, yenza isinqumo sakho futhi umele uNkulunkulu, ngaphandle kwanoma yikuphi ukungaqondi kahle. Phakathi kwenkathazo, uyoba nenhlanganyelo. Akukho ungaqondakali.

136 Baphosa uDanyeli emphandwini wezingonyama. Akukho ukungaqondakali. Wama lapho. WayenaMandla afihliwe! Hhayi unyawo lukanogwaja lusephaketheni lakhe; hhayi ikhubalo ukuba alifake entanyeni yakhe!

137 Bangenza ngigule ngazo zonke lezoziphambano namakhubalo, nakho konke, amaProtestane neKatolika bobabili bayazifaka. Akukho siqiniseko sobumsulwa kubo. Kulungile ukuba naso; kodwa ukusikhonza ngendlela enenza ngayo, usilengise emotweni yakho futhi ucabange ukuthi siyokuvikela ekubeni ube nengozi, ngeke sikwenze. Kuphela yisandla sikaNkulunkulu esingenza lokho. Amen.

138 Inyoka yethusi yayilungile. Kwakungekho kulahlwa enyokeni yethusi. Kodwa lapho sebeqala ukusuka kuNkulunkulu, futhi bekhonza inyoka, umprofethi wayidlibhiza. Amen. Nakho lapho okhona.

139 UDanyeli wangena, kungekho nayikuphi ukungaqondi. “UNkulunkulu unamandla okungikhulula ezingonyameni.” Kodwa bamphosa esithandweni somlilo. . . Ngikholwa ukuthi ngenkathi lezozingonyama ziqala phezulu lapho, zambuka, nakho kumi indingilizi yoMlilo izungeze uDanyeli. Noma yisiphi isilwane siyawesaba umlilo, niyakwazi lokho. Lezozingonyama zahlehlela emuva. Kwakuyini na? AMandla afihliwe,

ayesenhliziyweni kaDanyeli, ayaphuma ayesemembatha ndawo zonke. KwakuyilawoMandla afihliwe, lesosibusiso sikaNkulunkulu, esasiphezu kwempilo yalowomprofethi, ammboza ngoMlilo osha amalangabi; njengasezansi eDothani ngalolosuku lapho uGehazi ebuka wase ebona okwakuzungeze uElija: iziNgelosi zoMlilo, izinqola zoMlilo. Lapho lawoMandla afihliwe ayezungeze uDanyeli.

140 UPetru noJohane, lapho bedlula esangweni elithiwa Lihle, iNkosi yakhuluma kubo ngesishosha silele lapho. Kwakungekho ukungaqondakali. Babengenamfundo. Babengena . . . Babengesibo ngisho nabesonto. Babengesibo abehlelo. Kodwa kwakungekho ukungaqondakali ngolwazi lwabo lokuzibonela. Babenokuvumayo. Babengenamali. Babengenabulunga. Babengenayo imfundo. Kodwa uPetru wathi, "Enginakho, ngizokupha khona. EGameni likaJesu Kristu, sukuma uhambe."

141 BabenaMandla afihliwe. Babegqoka njengamanye amadoda. Babehamba emgwaqeni. Badla njengamanye amadoda. Kodwa babenesibusiso ngaphakathi kubo, esibanika ukuqondakala ukwazi ukuthi babemi kuphi. Wathi, "Anginamfundo. Angisuye owanoma yiliphi isonto. Angazi-sayense yezenkolo. Anginamali. Into kuphela enginayo, ngizokupha Yona uma uzoYemukela."

Sathi, "Iyini na?"

142 Wathi, "NgeGama likaJesu Kristu waseNazaretha, sukuma uhambe." Akukho ukungaqondakali. Hhayi ukuthi "sukuma uzame, bese ubona ukuthi ungaluhambisa unyawo lwakho." Hhayi ukuthi "sukuma uzame, bese ubona ukuthi uzobangcono yini." Kodwa, "EGameni likaJesu Kristu, sukuma uhambe manje." Nakho lapho okhona.

143 Izwi elingaqondakaliyo liyi . . . likhala ngezwi elingaqondakaliyo, kuzokwenzekani. O, he.

144 UStefanu wayenokuningi kwalokho okubusisiweyo kuye, washo, ngenkathi uStefanu bemkhanda ngamatshe. O, he! Wayenokuningi kakhulu kwesibusiso kuye, okuningi kakhulu kwaMandla afihliweyo, uStefanu waze waba ngomuny'umuntu, wabheka phezulu wase ebona uJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu; futhi akazange ezwe ngisho igabade ngenkathi limgqimiza ekhanda.

145 Ngani, sengiyambona uStefanu lapho. Waguqa phansi. Izitha zakhe, zimphimisela ngamathe, nakho konke okunye, futhi beMkhanda ngamagabade. Wavuka, wayesebheka eZulwini. Wayesethi, "Baba, ungababambeli lesisono. Ngiyabathethelela Baba." Siningi kakhulu isibusiso ngaphakathi kuye! Kwenzekani na? Ngiyakutshela, ayesevuleka-ke amaZulu. LowoMoya omncane, wawukuye, wavula indlela emafwini, ezinkanyezini, wadabula enkungwini, waze wabona uJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu. Wathi, "Bhekani, ngibona amaZulu evulekile."

146 Mfowethu, ngiqoka ukuba ngibe naKho [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kabili—Umhl.] kunayo yonke imfundo, yonke imali ebeningayinqwabela phambi kwami. Yonke imfundo yami, ngizoyiqathaza lapha. Yonke isayense yami yezenkolo yengqondo, ngizoyishiya lapha. Wonke umcebo wami, ngizowushiya lapha. Kodwa aMandla afihliwe, leyonto eyenza ukuqondakala kweVangeli izokuyisa eZulwini, bese ikuthwala wedlule ezigodini zethunzi lokufa. Amen.

147 Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wathi, "Ngibona amaZulu evulekile." Wayenesibusiso. WayenaMandla afihliwe. Futhi akabange esezwa-magabade emva kwalokho. Babemshaya ekhanda ngamadwala. Bemshaya ohlangothini olulodwa, olunye. UStefanu bandla wayenjengengane, icanyeliswe ezingalweni zikanina, futhi uNkulunkulu, Wayesemthunduzela ukuba amlalise esifubeni saKhe.

148 IBhayibheli alishongo ukuthi uStefanu wafa. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane.—Umhl.] IBhayibheli lathi, "UStefanu walala ubuthongo." Nkulunkulu hawukela! Mfowethu, yilokho engikufunayo ekupheleni kwendlela. [Ushaya izandla zakhe kabili.] Wambeka ezifubeni zikaNkulunkulu wayesemthunduzela ukuba amlalise, wathi, "Uyabo, ndodana, lapho eNgikuyisa khona."

149 Wayenesibusiso. WayenaMandla afihliwe. Hhayi unyawo lonogwaja; hhayi ikhubalo ephaketheni lakhe; kodwa into ethize emphefumulweni wakhe, lokho kwamguqula futhi kwamenza umuntu ohlukile.

150 UPawulu wathi, "Ukuphila engikuphilayo manje." Kwabonisa ukuthi wayephila okwehlukile, kanye. "Hhayi mina, kodwa uKristu uphila kimi," washo. Yebo.

151 UJohane, umambuli, wayenezwi eliqondakalayo ephimbweni lakhe. Wayeyithanda iNkosi. Wacamela esifubeni saYe. Wayenenhlanganyelo noJesu. Waphila waze wasondela eminyakeni eyikhulu ubudala. Wenza izimangaliso nezibonakaliso futhi wabona imibono.

152 Futhi ngenkathi bekwenza, bathi, "Ungumthakathikazi." Ngakho bamweza base bembilisa, amahora angamashumi amabili-nane, ebhodweni elikhulu likagrisi. Niyazi uk'thini? LawoMandla afihliwe ayaphuma. LawoMandla afihliwe, ayesenhliziyweni yakhe, amembesa yonke indawo. Futhi lapho bebheka ebhodweni likagrisi, lesosibusiso sasikuJohane. Futhi bamkhipha kugrisi, kungekho nelilodwa iphunga likagrisi kuye. Base bethi, "Ungumthakathikazi. Ungumbhuli. UnguBelzabube."

153 Wonke owesilisa nowesifazane owake wazama ukuphilela uNkulunkulu usolwa ngezinto zokungamesabi uNkulunkulu. "Ungumthakathikazi. Wathakatha ugrisi." WayenaMandla kaNkulunkulu amakhulu kakhulu kuYe,

kakhulu ngangokuthi . . . Hhayi ngokuthakatha. Kodwa Kwakuyini na? AMandla kaNkulunkulu afihliwe ayekuye. Wayebukeka efana nomuntu. Udla njengomuntu. Wayelala njengomuntu. Wayekhala njengomuntu. Wayengumuntu. Kodwa uNkulunkulu wayekumuntu waKhe. Isibusiso sasikumuntu.

154 "Ubusisiwe umuntu," kwasho uDavide. Akukho ukungaqondakali kuye. Lowomuntu uyazi ukuthi ukhuluma ngani. Angikhathali ukuthi izwe lithini, ukuthi wena uthini ngaye, zama ukumenza ahlanye, ngeke ahlanye. Angikhathali ukuthi ukhuluma kangakanani ngaye, ngeke aze akunake. Uyoqhubeka, ngoba unesibusiso phakathi lapha. Uyokukhulekela. Kunjalo. Ungahle wenze noma yini ezweni, akakunaki nakukunaka. Angeke ahlebe ngomakhelwane bakhe, futhi ahambe ejikeleza futhi adale inkathazo. Uyoba wumlamuli. Uyokwenza konke angakwenza, ngokuba ungumntwana kaNkulunkulu. Ubusisiwe lowomuntu. Yebo.

155 Ngenkathi abantu bepentekoste benyukela ePentekoste babengabantu nje ngenkathi benyukela lapho. Kodwa khona manjalo, besephezulu lapho, babesaba. Babevale amafastela, iminyango ivaliwe. Babesaba ukuhlushwa. Babengamalunga amahle ebandla, kwaze kwafika isikhathi. Babekade bebhaphathizwe emanzini, kwaze kwafika isikhathi. Kodwa babengenawo aMandla afihliwe. Babengenakho lokho kuqondakala.

156 Omunye wabo wathi, "Uma U . . . Mangifake izandla zami ohlangothini lwaKho. Mangifake iminwe yami lapho kwabhoboza khona izipikili, esandleni saKho."

157 Omunye wathi kowesifazane, "O, kungubuwula! Awubonanga lutho."

158 Kodwa lapho begibela kulezozitebhiso base benyukela esitezi, khonamanjalo kwavela eZulwini inhlokomo, naMandla afihliwe ehla. Angena kubo. Kamuva base bephumele emgwaqeni . . .-joicing—bethokoza bebonga uNkulunkulu, beshumayela iVangeli, bedumisa uNkulunkulu. BabenaMandla afihliwe. BabenaMandla izwe elalingazi lutho ngawo.

159 Manje kuyafana. Izwi elingaqondakaliyo; ningalikholwa izwi elingaqondakaliyo. IVangeli alinalo izwi elingaqondakaliyo.

160 Uthi, "Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi ibandla lami lishumayela iVangeli." Kulungile.

161 UJesu wathi, "Manje ngizoninika into eqondakalayo ukuba niyikholwe." Wathi, "Hambani niye ezweni lonke manje futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwayo uyakulahlwa. Na . . . " Amen! O, ngizizwa ngikahle. "Na" isihlanganiso. Ungami lapha, "ukushumayela iVangeli."

"Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Akukho-zwi elingaqondakaliyo. YiVangeli. Amen.

162 Bakhipha amademoni. "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni." Lelo akusilo izwi elingaqondakaliyo. IVangeli lathi lokho kusekukhaleni kwensimbi. Udumo! Haleluya! O, he! Lokho ngukuzwakala kwensimbi, uma bexosha amademoni. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasikhombisa noma kasishiyagalombili—Umhl.]

163 "Bayokhuluma ngezilimi ezintsha." Angiqonde lona izwi elingaqondakaliyo manje. Bakhuluma ngokwazi, ngesambulo. Babenesiphiwo sangempela sokukhuluma ngezilimi. Kukhona into eyenzekayo uma benza. Lelo akusilo izwi elingaqondakaliyo. Lelo akusilo izwi lokungakholwa, akusilo nhlobo. Uma kuyinqwaba yokuqhubeka nje, njengoba sibona izikhathi eziningi ningi, lokho ukungakholwa. Kodwa uma ukhuluma ngamaZwi, ngokuhunyushwa, ngesambulo, haleluya, leyo yinsimbi yeVangeli inqenqetha. Akusilo izwi elingaqondakaliyo.

164 "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Lelo akusilo izwi elingaqondakaliyo.

165 Nina bantu abathandekayo, eningabechurch of Christ, emuva lapho, nithi, "Lokho ngokukaDeveli." Kuyikho na? Kusho ukuthi-ke iBhayibheli lingelikaDeveli. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kanye—Umhl.] Niyabo?

166 IBhayibheli lathi, "Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda. Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Akukho-zwi elingaqondakaliyo.

167 Xwayani, nizwa okuninginingi kwesayense yezenkolo yebandla. Kungamazwi angaqondakaliyo. Akubambisani neBhayibheli. UPawulu wathi, "Uma i—uma icilongo lingakhali ngezwi elizwakalayo, singazi kanjani ukuthi ubani ozolungiselela impi na?" Yebo, mnumzane. O, he!

168 UJesu wathi, "Lezizinto engizenzayo nani niyakuzenza, ngisho nezinkulu kunazo, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi." Akukho-zwi elingaqondakaliyo; akukho-nto.

169 UPetru wathi, ngoSuku lwePentekoste, eZenzweni 2:38, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Lelo akusilo izwi elingaqondakaliyo.

170 Kwakungekho-ndawo eBhayibhelini, nomaphi, kusukela kuGenesisi kuya eZambulweni, lapho uNkulunkulu ake "afafaza" khona umuntu. Lelo yizwi elingaqondakaliyo. Yayingakaze ibe khona indawo lapho khona noma yimuphi umuntu abhaphathizwa khona noma ngayiphi enye indlela

kunaseGameni likaJesu Kristu. Noma yini ephambene iyizwi elingaqondakaliyo.

171 Fundani iBhayibheli. Lenziwe ngalokho-ke iBhayibheli. Lena yiMbewu. IMbewu iyothela izithelo zaYo. Wewu! Kuthi ukufudumala, akunjalo na? Kodwa kumnandi.

172 Uhlobo loMlilo esiludingayo wu "Moya oNgcwele noMlilo," ukushisa okungokwenyama nobusonto kuphume kithi, ukusibuyisela emadodaneni nasemadodakazini kaNkulunkulu; lapho khona lesayense yengqondo yezenkolo nalokho enikufunda ekholiji phandle lapha, kanjalonjalo, kuzodlula, noNkulunkulu akwazi ukungena enhliziyweni yakho. Yilokho okubalulekile.

173 Akusikho ukuthi uma uzosho u "Yethi Mariya," kumbe hhayi uma uzokwehla bese usho isiVumokholo sabaPhostoli ebandleni lamaProtestane; lokho akuhlanganise lutho naWo, akukho-nto.

174 UJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, akayikungena eMbusweni." Amen. Akukho-zwi elingaqondakaliyo, akukho nelincu.

175 Ngenkathi uElija enyukela lapho . . . Bukani, ake nginikhombise into ethize. Ngenkathi uElisha ebhekisisa uElija, uyenyuka futhi uyambhekisisa. Wathi, "Ufunani na? Umfanekiso kaKristu nebandla.

Wathi, "Ngifuna ukubona into ethize."

Wathi, "Ufunani na?"

176 Wathi, "Ngifuna okuphindwe kabili koMoya wakho uma usuhamba." Lokho kwakungukulamba. Leyo kwakuyisayense yezenkolo. Lokho kwakungokwengqondo. Wayekulambele. Ingqondo yakhe yayikufuna. Umphefumulo wakhe wakukhalela. Lokho akusho ukuthi wayenakho.

177 UElija wathi, "Ucele into elukhuni. Kodwa uma ungibona uma sengihamba, kulungile, Uyoza kuwe." Mfowethu, wambhekisisa lowomprofethi, wonke umnyakazo ayewenza.

178 Futhi lapho lolobizo lokugcina selufika, noElija wabizelwa Phezulu, ukuba abonakale eBukhoneni bukaNkulunkulu, uNkulunkulu wamehlisela inqola ukuba agibele. Udumo! O, he! Wamehlisela inqola, namahhashi enqola . . . amahhashi oMlilo, nenqola yoMlilo. Wathi, "Nceku yaMi ethandekayo, khwela! Kwenziwe kahle."

179 Wathi, "Kulungile, Elisha, ngiyabona uyangibhekisisa." Wakhumula ibhantshi lakhe waliphosa ngemuva.

180 Wacosha lelobhantshi elifanayo wase eligqoka. Akukho okungaqondakaliyo. Wehla waya emfuleni! Haleluya! Ubonile ukuthi uElija wenzeni. Wamvulela wona, ukuba awele *ngaleyo*ndlela. Wathi, "Uma Esalokhu enguye, noMoya waKhe uphezu kwami, uzovuleka futhi." Akukho ukungaqondakali.

Wawushaya lowo macala onke, wayesethi, "Uphi uNkulunkulu kaElija na?" Nolwandle lwehlukana ngapha nangapha, wayesehamba ewela. Niqaphelile na? Akadingekanga ukuba aye esikoleni sabaprofethi ukuba athole imfundo. Udumo! Wewu! Kungekho-mfundo kulowomfana, futhi wahamba! Isayense yezenkolo yengqondo yase iphelile. Wayenayo emphefumulweni wakhe. Mbhekisiseni, wenze njengoba kwenze uElija.

181 UJesu wathi, "Isitsha esifanayo engisiphuzayo, niyosiphuza. Nombhaphathizo ofanayo eNgibhaphathizwa ngawo, niyobhaphathizwa ngawo. Nezinto ezifanayo eNgizenzayo, nani niyoba njalo." Wenzani na? Wakhuluma ngezilimi, waxosha amademoni, washumayela iVangeli, waphilisa abagulayo. Into efanayo Ayenzayo, singayenza, nathi. Futhi ekupheleni kwezinsuku zethu, njengoba Avuka kwabafileyo, kanjalo nathi esikuYe siyoba njalo.

182 Angikwazi ukuvusa umfana wami, ekuseni. Ubukeka sengathi uthole nje usuku lwakhe nobusuku kuguqukile. Ngathi, "Billy, awusoze walalela ize nje lapho kanjalo. Vuka. Uma ungenzi okungaphezu kokuphuma bese uxubha amazinyo akho, bese uphumela egcekeni, ubheke imoto yakho, bese uyabuya uyangena bese uhlala phansi, ufunde. Ungacambalali embhedeni; akukuhle, ubuvila."

183 Nkulunkulu hawukela lamaKristu anezinhliziyo ezivilaphayo, akubi kuhle; wazi kakhulu ngaLo, bese uxoxa kancane kabi kwabanye abantu ngaLo.

Wathi, "Baba, angikwazi nje ukuvuka kusesekuseni."

184 Ngathi, "Buka, Billy, ngolunye lwalezizinsuku, awuzukuba naye ubaba ozokunakekela. Ubaba uzobe engasekho, ngokunye kwalokhu ukusa. Ungena ekamelweni bese uyabuka, mhlampe. Ubaba uzobe eselele lapho. Uyomnyakazisa, kodwa angeke esavuka." Ngathi, "Bayobe sebengidonsa-ke bengehlisa, lelisonto elidadlana, ebhokisini. Uyokwedlula, iduku lisesandleni sakho, ukhala; ubuke phansi, uthi, 'Lowo ngubaba wami osemdala. Ngifisa sengathi ngabe ngamlalela.'" Ngathi, "Kodwa khumbula, Billy, bengihlala njalo ngingovuka kusesekuseni."

185 Haleluya! [Akuqoshwanga eteyipini.]. . .amazwi okukhala kwecilongo elibusisiwe, ngiyovuka ngokuvuka kokuqala. Ngiyakholelwa ekuvukeni kusesekuseni, (haleluya), ngolunye usuku lwenkazimulo, ngomusa kaNkulunkulu. Ngiyalikholwa leliVangeli engilishumayelayo. Ngikholwa ukuthi LiyiQiniso eliqotho.

186 Ingubo kaElisha ayinalo izwi elingaqondakaliyo. Akukhozwi elingaqondakaliyo.

187 Indoda kaKhongolose u-Upshaw. . .Kwakungekho-zwi elingaqondakaliyo ngenkathi uMoya oNgcwele ungitshela phezulu ngaleya, ngaphambi kokuba odokotela baze

bathole i amuba isilwane esingenasimo. Kwakungekho-zwi elingaqondakaliyo, ngenkathi odokotela bethi ngangifa, futhi kwakunguNkulunkulu owangiphilisayo. Kwakungesilo izwi elingaqondakaliyo. Kwakungesilo izwi elingaqondakali, eGreen's Mill ngalobobusuku, ngenkathi iNgelosi yeNkosi yenyukela kimi, Yathi, "Ngalesisizathu wazalwa ezweni." Akukho-zwi elingaqondakaliyo!

188 Ngahamba ngakhuluma nabanye abashumayeli ngakho. Bathi, "Billy, ubunephupho elesabisayo." Kodwa kubekhona imiphefumulo eyizigidi ezuzelwe uKristu. Kwakungekho-zwi elingaqondakaliyo. Lelo kwakuyiPhimbo likaNkulunkulu likhuluma kumfokazana. Akukho-zwi elingaqondakaliyo. O, nje angikwazi ukushumayela uma ngicabanga ngalokho.

189 Ngangitshela unkosikazi, esikhathini esithize esedlule. Kungenzeka ukuthi sengake ngakuxoxa lapha ngaphambili. Niyalazi imuva lomndeni wakithi. Ngiyamthanda ubaba wami. Sewashona. Wafela ezingalweni zami, ngikhuleka. Kodwa wayephuza. Wonke umdeni wakithi wawuphuza. Benze ezinkulu, izinto ezilimazayo; namanje, ihlazo emphakathini. Abafowethu bayaphuza; hhayi ngoba ngifuna baphuze. Ngiyabakhalela, ngibakhulekele, konke okunye.

190 Kwakuvamise ukuthi, ngaphambi kokuba uNkulunkulu angibize, ngangima emgwaqeni, ngikhuluma, omuny'umuntu, ba. . . Ngenxa yegama, babethi, o, "Branham? Uuuuh!" suka. Omuny'umuntu uyedlula, efuna omuny'umuntu, athi, "Suka kuye!" Kulungile, bese beyasuka-ke. Babengangikhulumisi.

191 Ngathi kunkosikazi, ngoluny'usuku, "Manje ngizofanele ngithi nyelele ngiyongena ehlathini ndawondawo futhi ngicashe, ukubalekela abantu, abavela emhlabeni jikelele, abezayo."

192 Kwenziwa yini na? Ngoba ngatadisha kaninginingi na? Ngoba ngafunda isayense yezenkolo na? Ngoba nginemfundo na? Ngoba ngajoyina isonto elithize na? Qhabo. Lokho bekuyoba yizwi elindaqondakaliyo.

193 Kodwa kukhona into eyezwakalayo ngoluny'usuku, phansi enhliziyweni yami, hhayi engqondweni yami, enhliziyweni yami. UNkulunkulu wangena. Bekulokhu kumnandi kusukela lapho. Lowo ngumusa omangalisayo.

194 Ngoluny'usuku ngamangala, ngaphezu kwanoma yiyiphi into eyenzeka esikhathini eside. Ngingumthandi omkhulu wemvelo. Niyazi nginguye. Ngiyazithanda izilwane. Ngicabanga ukuthi nje ziyisimangaliso. Ngangihlezi emnyango wami. UMfowethu Leo noMfowethu Gene wayelapho. NoMfowethu noDadewethu Woods wayesezansi lapho. NoBilly Gillmore omncane, umsengi, wayemi lapho. Futhi ngeleshumi nqo ekuseni, ezansi emgwaqeni kuza into ethize, okuqhugayo, kuhudula umlenze ngemuva kukho. Kwajika kwangena esangweni lami, kwase kwenyukela ezitebhisini zami. Kwakuyi

opozamu isilwane esithi asifane nenkawu esifaka amazinyane aso esikhwameni, ngeleshumi nqo emini.

195 Ziyaphuphutheka ngalesosikhathi sosuku. Ziyaphuphutheka, zonke, emini. Ziyisilwane sasebusuku esigijima ebusuku. Ziyadla, futhi zidle zijikajika, futhi zithole ukudla kwazo ebusuku. Nonke niyakwazi lokho. Iopozamu iyisilwane esidliwayo.

196 Futhi sajika sangena esangweni. Ngaphuma ukuba ngihlangabeze iopozamu. Ngathatha ihhala. Ngacabanga, "Yisimanga! Ngahle ukuba iyimpumputhe. Yini eyenza yenze futhi ibhadazele kanjalo na?" Ngabeka ihhala phezu kwayo. Futhi yaphenduka yase ingibuka, yase ihhahhama. Ngacabanga, "Kukhona into eyisimanga."

197 Futhi kwenzeka ngabuka phansi ephaketheni layo. Iopozamu yinto eyodwa, ngaphandle kwekangaru, zimbili kuphela enesikhwama ezithwala ngaso izinyane lazo. Futhi esikhwameni se opozamu, yayinesishiyagalombili noma isishiyagalolunye sezingane ezincane ezingenaboya phakathi lapho. Yayibanjwe yinja, kumbe noma yimoto; yephuka umlenze, ithambo layo lomkhono. Izimpukane eziluhlaza zigcwele kuyo; izimpethu ezindlebeni, kanjalo njalo. Futhi yayilapha, ixhuga kanjalo. Futhi yahhahhama ngoba yayicabanga ukuthi ngangithatha abantwana bayo.

198 Ngathi, "Leyo-opozamu inobuningi ubumama ngayo kunenqwaba yabesifazane, ikakhulukazi lona wesifazane owaphosa ingane yakhe emfuleni, ngeliny'ilanga, ukuba isuke kuye." Ngathi kuGene noLeo, behlezi emuva lapho, ngathi, "Wozani lapha futhi ngizonifundisa intshumayelo." Ngathi, "Bukani izimilo zalona wesifazane. Bukani izimilo zalelinenekazi. Yisilwane esiyisimungulu, kodwa sinobuningi ubunenekazi ngaso kunamapesente angamashumi amane abesifazane baseMelika." Kunjalo. Ngathi, "Sisalelwe nje cishe yihora ukuba siphile, ngokububukeka siyikho, kodwa siyochitha lelohora silwela ukuvikela labobantwana baso. Nalaba besifazane baphumela lapha futhi babe nezingane ezincane, bese bezincish'umoya, futhi bazigwilizise, futhi baziphose emlilweni, nezinto; babi ukwedlula izinja, babi ukwedlula izilwane."

199 Inenekazi elincane alilindanga. Alimanga nokuma, nganhlanye. Laqonda ngqo ezitebhisini zami; futhi, liphelelwe amandla, lalala lapho. Sazama ukulisukumisa. Lase lingasekho. Lalilokhu lisabhonga, lizwa ubuhlungu obesabekayo.

200 UNkk. Woods uyenyuka, noMn. Woods nabo, bathi, "Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi into ewubuntu efanele yenziwe, ngukuba, kubulawe iopozamu. Lezozingane ezincane bandla zizofa yindlala." Wathi, "Yiyonanto kuphela ongayenza, obungayenza."

201 Omunye umuntu uyafika wayesethi, “Mfowethu Branham, awuyibulali ngani iopozamu na?” Wathi, “Ibulale. Iyafa.” Wathi, “Ilele lapho izwa ubuhlungu.” Wathi, “Khipha izingane bese uyazibulala. Zingaba ngcono.” Wathi, “Azinawo umphefumulo. Yisilwane esiyisimungulu nje, isilwane nje.” Wathi, “Izintwana ezincane bandla zizobulawa yindlala. Umama bandla elele lapho, nalezozingane ezincane zincela lolobisi kuye, futhi uyasazi isimo akade ekuso,” wathi, “zizofa.”

202 Ngathi, ngathi, “Yiqiniso, ngingumzingeli, kodwa angisuye umbulali.” Ngathi, “Ngiyakuthanda ukuzingela, kodwa angibulali ukuba ngibulale nje. Lowo ngumbulali.” Kunjalo. Angibulali lutho engingeke ngiludle, noma into engingeke ngayisebenzisa, noma into ebhubhisayo. Hhayi ukubulala ukuba ngibulale; lowo ngumbulali wangamabomu. Ngangingekwenze. Nje ngangingekwenze.

203 Futhi ngangazi ngokuba nokuhlakanipha, ezindaweni zangokwengqondo, ngendlela eyiyo yokucabanga, into yokobuntu ukuba yenziwe bekungaba, ukuyenza, kuyoba ukubulala iopozamu nabantwana. Iopozamu yayifa, yayingeke iphinde isimame futhi. Nabantwana babeyobulawa yindlala. Nokuphuza lolobisi oselujiyile oludala kunina, bebezofela mhlawumbe osizini. Into engcono kunakho konke ukuba yenziwe ngukubakhipha osizini. ‘Leyo kwakuyinto ethintanayo. Kodwa Into ethize phansi *lapha* yayingangivumeli ukuba ngikwenze.

Izixuku ziqala ukufika. Nganginokubizwa, ngaphuma.

204 Ngalobo busuku, uMfowethu Woods nami sasigibele siphumile sisemgwaqeni, noDadewethu Woods nomkami. Siza sehla, sivela enhla ngaseScottsburg, lapho engangizama ukuthola okuncane ukuphumuza ingqondo. UMfowethu Woods wathi, “Uyawubona lowayamdlwane omncane emuva laphaya emgwaqeni na?” Wathi, “Uzothola ukufihlizeka.” Ngashwiba imoto yami ngase ngibuyela emuva. Samcosha umfo omncane bandla.

205 Wayegcwele amazeze nezintwala, notwayi lumudla lumqeda. Awu, yini eyayingaba yinto enokuhlakanipha ukuba yenziwe na? Ngimbulale. Ngangingenakukwenza. Ngamletha ekhaya umfo omncane, ngathola umuthi wamazeze ngase ngimfutha, ngathola okwelapha utwayi; ngimnika okumnandi, ukudla okuhle. Ngamfihla phezulu lapho, ngizama ukuthola umfo omncane ukuba asinde. Ufuna ukuphila.

206 Kukhona into ethize ngokuphila engeyangempela. Ungabulingisi ubuKristu. Thola ukuPhila! Phila! Ungalwi nje qobo lwakho ngapha nangapha, uthi, “Awu, ngingumKristu, bengingafanele ngenze *lokhu*; bengingafanele ngenze *lokho*.” Phila! Munye okunakekelayo.

207 Ngalobobusuku, ligamenxe eleshumi noma eleshumi nanye nqo, leyo opozamu encane yayisalokhu ilele iqulekile; izimpukane eziluhlaza zigcwele kuyo, umkhono wephukile; ilele lapho izwa ubuhlungu, ifa.

208 Isikhathi eside, kamuva, kungena uBilly. Nakho kulele i opozamu endala, ilele emuva lapho, labobantwana bezama ukuncela oluncane, oluningi ubisi kuyo, ukuphila kuphuma kumama. Wayesalokhu ebubula ngokwesabekayo. Wayezama ukuvuka, futhi wayengakwazi ukukwenza. Wayezama ukuvuka, futhi wayengakwazi ukukwenza.

209 Ngangingakwazi ukususa leyo opozamu endala bandla engqondweni yami. Ngacabanga, "Nkulunkulu, bengifanele ngihambe ngingene bese ngithatha isibhamu bese ngibulala leyo opozamu, kodwa angikwazi ukukwenza. Yini indaba, Nkosi na?" Ngahamba phansi ngehla-ngenyuka.

210 Kwasa. Iopozamu endala ilele lapho. Ngabuyela emuva, ngacabanga, "O Nkulunkulu, nanso, lelolanga elishisayo, ilele esitebhisini sami impela." Ngaqala ukuhamba ngibuyela emuva ngedlula kwiphansi.

211 UMoya oNgcwele obusisiwe wangimisa, wathi, "Uyibize ngenenekazi. Uyincomile, ngokuba ngumama wangempela. Futhi Ngiyithumele endlini yakho ukuba ikhulekelwe, futhi uyayiyeka ilale lapho njengowesifazane esitebhisini esisemnyango wakho."

212 Ngathi, "Nkulunkulu, thethelela inceku yaKho eyisithutha." Ngaphumela lapho ngase ngithi, "Nkulunkulu, uma—uma unesihawu ngokwenele ukuba usebenzane nesilwane esiyisimungulu, esibe nobunenekazi obenele ngayo ukuba ikhulise izingane zayo, ukuthumela iopozamu engazi lutho esitebhisini somnyango wami ukuba sikhulekelwe, O Nkulunkulu, philisa iopozamu. EGameni likaJesu, ngiyakhuleka."

213 Iopozamu endala yaphenduka yase ingibuka; yavuka ngezinyawo zayo, yacosha izingane zayo yase izifaka phakathi lapho. Kwaba sengathi ikhothamisa ikhanda layo, yase ithi, "Ngiyabonga." Yase isuka iya ehlathini, ithokoza. Yazi okuningi kakhulu kunoma kwenza abashumayeli, ngezinye izikhathi. Iyolandela ukuhola kukaMoya oNgcwele. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Uma uNkulunkulu engasebenzana neopozamu, Angasebenzana kakhulu kangakanani nomuntu, uma kuphela bebenga . . .?. . . Akukho-zwi elingaqondakaliyo ngalokho. UNkulunkulu usebenzisa izilwane ukufundisa izinkonzo. Impela uyakwenza.

214 Wasebenzisa umnyuzi, ngesinye isikhathi, ukusola umshumayeli ohlubukile.

215 UFrancis oNgcwele waseAssisi, nina bantu baseKatolika enithi wayeyiKatolika, kodwa wayengesilo. Walibhikishela

ibandla eliKatolika ngawo onke amandla njengoba ngenza. Kodwa lalingekho elinye ibandla ngalolosuku, ngakho bamthatha base bembiza ngongcwele. Ngenkathi ephumela emgwaqeni, ukushumayela iVangeli elifanayo nengilishumayelayo manje, [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasikhombisa—Umhl.] izinyoni zazitshwekeza eziihlahleni. Wathi, "Bodadewethu abancane, ngizoshumayela iVangeli likaJesu Kristu. Thulani du ngenkathi ngisashumayela." Futhi zonke izinyoni zavala umlomo wazo.

216 Leli akusilo izwi elingaqondakaliyo. Siphila eBukhoneni beNkosi uJesu Kristu. Izibusiso zaKhe zilapha.

217 UNkulunkulu owakwazi ukuhlalisa indiza phansi ngaleya, futhi ayibambe ngenxa yozihluphekelayo, ongazi lutho, owesifazane oyikhaladi, owayengabazi no ABC bakhe, ukuba kuphiliswe umfana wakhe owayenesifo sokubhajwa. Niyayazi indaba.

218 UNkulunkulu, owakwazi ukukhuluma ne opozamu engazi lutho, kube kukhona abashumayeli kulelidolobha abahleka ukuphilisa kukaNkulunkulu; abantu abaphakamisa ikhala labo bese bethi ngangi "hlanya," ngoba ngakufundisa. NoNkulunkulu esebenzana ne opozamu engazi lutho, ngoba yayiyinenekazi, ngoba yayizithanda izingane zayo, ngoba yayizimisele ukuzifela. UNkulunkulu ofanayo!

219 Sithunyelwe lapha kulomhlaba ngezinto ezehlukene. Abanye bathunyelwe ukushumayela iVangeli. Abanye bathunyelwe ukuprofetha. Abanye bathunyelwe ukukhuleka umkhuleko wokukholwa. Abanye unesiphiwo sokuphilisa.

220 NoNkulunkulu ofanayo owakhuluma ngaleya ekamelweni lethu ngalobo busuku, noma ezansi lapha e. . .ngishayela kulowombono, futhi wangitshela ukuthi uMfowethu Bosworth wayelele ngaleya eseseduze kokufa, eNingizimu Afrika. NoMoya oNgcwele washaya itelegramu lapha, amahora angamashumi amabili-nane. LowoNkulunkulu ofanayo, uNkulunkulu ofanayo uyafika, ngokuhlonipha ukwethembeka. O Nkulunkulu, busisa inhliziyo yabo.

221 Ukwethembeka! Ngiyonikela ngeconsi lokugcina legazi lami ngowesifazane omnyama ukwedlula bonke noma ophuzi ukwedlula bonke kulelizwe, oyofuna ukuhlala ngokwethembeka kumyeni wakhe. Bengingamfela, njengoba bengingenza kumkami uqobo. Ngiyahlonipha, njengenenekazi.

222 Nicabanga ukuthi uJesu Kristu wenzani na? Futhi yingani—ngani ningethembeki kuYe, nokuthi nishiye ukuzazisa kwenu, ukunganaki kwenu na? Ningeyeke isonto lenu, izinto ezincane, bese niza kuYe futhi nethembeke na?

223 Leyo opozamu bandla, noMoya oNgcwele. . .Nami phezulu lapho ngiseholidini, kungakhulekiwe ngisho, naleyo opozamu eyinenekazi elincane ilele esitebhisini somnyango wami. Lapho

ilanga lalishisa, yalala lapho ngokwethembeka. Lapho kufika ubusuku, amehlo ayo ayevuleka, yayikwazi ukubona. Kodwa uMoya oNgcwele awuyivumelanga ihambe. Yalala lapho ubusuku bonke. Yayingakwazi ukuvuka.

224 Kwase kuthi-ke, kusesekuseni kakhulu, kukhombisa ukuthi yayikade ilele lapho lapha emahoreni angamashumi amabili-nane, ilindele isikhathi sayo ukuba ikhulekelwe, ngoba yayiyisilwane. Futhi lapho uMoya oNgcwele uthi, "Phuma uye lapho futhi uyikhulekele," uNkulunkulu waseZulwini wayiphilisa.

225 Ngokushesha yaqoqa izingane zayo ezincane yazifaka esikhwameni sayo, yase ibheka ngemuva kimi, ngamehlo abukeka edabukisa ukwedlula onke engake ngawabona, sengathi ithi, "Ngiyabonga, mnumzane onomusa." Futhi yahamba yehla ngomgwaqo.

226 Yedlula ezine ezinye izindlu, eziseduzane kakhulu nomgwaqo kuneyami, ukuba ijikele esangweni. Eyodwa, eyesibili, eyesithathu, eyesine; eyesihlanu le eyajikela kuyo, u-J-e-s-u. Yathi qathatha esangweni. Ayilindanga ngaphandle lapho ezihlahleni. Ayilindanga emthunzini. Yenyuka idabula elangeni, ukuba ifinyelele esitebhisini sasemnyango. Yalala lapho, ngokubekezela (ingahhahhami, ingakhonondi), ilindele ukuba kuze kube yisikhathi sayo sokukhulekelwa.

227 Kwase kuthi-ke lapho ngilalela uMoya oNgcwele, uNkulunkulu wabuyisa impilo ye opozamu. Yacosha izingane zayo yase ibuyela endaweni ehlala kuyo. Akukho-zwi elingaqondakaliyo. UNkulunkulu, obala izimpaphe emaphikweni ezinyoni, uyazi ukuthi zonke zikuphi. UNkulunkulu obala izinwele zekhanda lakho; uNkulunkulu ogibela emaphikweni okusa; Yena owadala amazulu nomhlaba, wazi zonke izidalwa nawo wonke umuntu. UnguNkulunkulu. Leli yiZwi laKhe. Kodlula amaZulu nomhlaba, kodwa Lona alisoze. Ningadukiswa yimfundiso yabantu. Kholwani uNkulunkulu, futhi niphile.

Ake sikhuleke!

228 Baba waseZulwini, eGameni leNkosi uJesu, iNdodana yaKho ethandekayo; akukho-zwi elingaqondakaliyo, akukho okungaqondakaliyo ngalokhu. UyiNdodana kaNkulunkulu. Uzalwa yintombi. Wafika lapha phansi kwaMandla kaNkulunkulu. Wafika lapha ngeNtombi uMariya. Wahlupheka, wopha futhi wafa, phansi kukaPonti Pilatu. Lapho bethanda, baMnikela, amaJuda aMbethela, futhi baphika OLungileyo. Futhi kulotshiwe, "Kungani ukuba abezizwe baxokozele, nabantu bazindle ngokuyize na?"

229 O Nkulunkulu, qiniso, ngokwelula isandla saKho ukuba uphilise, ukuze izibonakaliso nezimanga kwenziwe ezinsukwini zokugcina, ukufakazisa ukuthi lena yimvula yokuqala

neyamuva. AMandla kaNkulunkulu alapha. ILanga elakhanya ngoSuku lwePentekoste, kubantu baseMpumalanga. Selikhanya ngaseNtshonalanga manje. Balibhuqa futhi bahlekisa ngaLo, futhi bathi Lalingukungakholwa, bababiza "ngabathakathikazi, nababhuli, nabangakholwayo," futhi baze bababulala, babashisela esikhonkwaneni, base bebaphosa emafutheni. Kodwa Wena wawunabo, ukubakhulula.

230 Wena ulapha namhlanje. Ulapha, wenzela ihora lokuvala, wenzela ngisho izibusiso ezinkulu kunezinye, "wenzela ukuba imvula yokuqala neyamuva ihlangane ndawonye."

231 Namanje, Baba, uma kubakhona ukungaqondi kunoma yiluphi ulwazi lomuntu lokuzibonela, kulelikamelo; ngiyakhuleka, Baba, ngalelihora, bazominyanisa ukholo lwabo, hhayi endleleni yabo yengqondo yokucabanga, hhayi ekuzindleni ngemfundiso yomuntu, kodwa ekukholweni kweZwi likaNkulunkulu, ekuPhileni okungunaphakade. Lezizibusiso sizicela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho.

232 Amakhanda ethu ekhotheme, angazi noma ukhona yini umuntu phakathi lapha manje, ozothi ngokuhlonipha uphakamise isandla sakho na? Bese uthi, "Ngiyakwenza lokhu, hhayi kumshumayeli, kodwa kuNkulunkulu. Nkulunkulu, guqula indlela yami yokucabanga. Ngizamile ukuzindla ngokuthi lezizinto ziyobanjani. Ngizamile ukuzindla ukuthi omakhelwane bami bayothini uma ngike ngaze ngazalwa ngokusha, uma uNkulunkulu eke waze wangibusisa ngangokuthi ngiyomemeza, uma uNkulunkulu eke waze wangibusisa ngangokuthi ngiyoba nolwazi lokuzibonela oluyongenza ngikhale izinyembezi, futhi ngize ngishiye engihambisana nabo. Ngizamile ukuzindla konke, Nkulunkulu. Kodwa, namhlanje, ngeke ngisazindla. Ngiphakamisela isandla sami khona manje kuWe, Nkulunkulu, futhi ngithi lobu ngubufakazi bami. Uma Uzokhipha izizindlo kimi, futhi uvumele umphefumulo wami uthathe indawo yawo ukuba ngikholwe yiZwi laKho ngaphandle kokuzindla, ngizokholwa ukuthi liyizwi elizwakalayo elinikwa mina." Uzosiphakamisa isandla sakho na? Noma ubani endlini, noma ngabe ukuphi. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, nawe, nawe, nawe. Cishe amapesente angamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu endlu.

233 Ukuzindla? "Lahlani izizindlo." Zilahleni phansi. UNkulunkulu akafuni nibe nomzindlo. Umzindlo njalo uzama ukuthola indlela yokuphuma. Ukukholwa akuzindli. Ukukholwa kuyakholwa nje. Ingqondo yakho, yini ekwenza uzindle. Ngamanga. Umshini wokuhlola amanga uyakufakazisa lokho. IBhayibheli likaNkulunkulu, kuqala, liyakufakazisa. Kodwa umphefumulo wakho ungongafiyo, mfowethu, dadewethu. Amandla akho okuzindla ayokushiya uma usushaywa wukufa, kodwa umphefumulo wakho uyoba nawe

iPhakade. Ningelikholwe iZwi likaNkulunkulu namhlanje futhi niMemukele na?

234 Ezwini lomthandazo, omunye futhi ozophakamisa isandla sakho na? Athi, "Ngikhumbule manje, Mfowethu Branham, usakhuleka. Ngifuna ukulahla ukuzindla." UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane. Ukhona omunye. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, ngiyakubona. UNkulunkulu akubusise, mfowethu, ngiyakubona. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Wena, yebo, dadewethu. Omunye futhi na? Omunye futhi phakamisa isandla sakho, masinya impela. Thana, "Khumbula . . . " UNkulunkulu akubusise, mfowethu othandekayo. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Lahla ukuzindla. UNkulunkulu akubusise, dadewethu, ngiyasibona isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, dadewethu, ngiyasibona isandla sakho. Ungabe usazindla. Kholwa nje. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

235 Omunye futhi, ngaphambi nje kokuba sikhuleke manje? Ngizokhuleka futhi ngicele uNkulunkulu ukuthi Uzokusiza. Uyasibona isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, nsizwa, ngiyasibona isandla sakho. Omunye futhi? UNkulunkulu akubusise, mfowethu, ngiyasibona isandla sakho.

236 O, ukubusiswa kokukholwa! Isibusiso sokungazami ukukulinganisa. Isibusiso sokuphumula nje eZwini likaNkulunkulu, bese uthi, "Liyiqiniso," bese uyaqhubeka. LingukuPhila. LingukuPhila. Liphila ngempela.

237 Owami oyigugu, othandekayo, umkhwekazi omdala ehlezi emuva lapha, ngenkathi ngimtshela izolo ngakho. Wathi, "Billy, benginewashi elikhulu, ebengingakwazi ukulihambisa." Wathi, "Ngangingakwazi nje ukuhlala ngaphandle kwalelowashi elikhulu. Ngangingenayo imali yokuzithengela elinye." Ngakho wathi, "Ngehla ngase ngithi, 'Nkulunkulu, yenza lelowashi elikhulu lingihambele, Uzokwenza na?'" Wathi wabheka phezulu, lase liqala ukuhamba, nje lihamba ngokuphelele.

238 Ifriji lakhe, wathi, izinsuku ezithi azibe mbili emva kwalokho, lalinga defr– . . . lilokhu lingabi nalo iqhwa; indawana nje lapho eliyaye libambe khona u ayisi. Wenze konke abengakwenza, ukuba aligcine lingayeki ungabi nalo iqhwa, noma aligcine lingabi nalo iqhwa, ngoba wayengakwazi ukugcina ibhotela lakhe nezinto kulo. Into endala bandla, ungumfelokazi.

239 Umyeni wakhe useNkazimulweni. Lowo ngumkhwe wami. Unikeza ubufakazi bakhe bokugcina, ngapha ngakwesokunxele sami, ngaphambi kokuba aye eKhaya.

240 Waguqa, wayazi ukuthi wayengenayo imali yokuthenga elinye ifriji. Wathi, "Nkulunkulu, Uzoba naso isihawu kimi futhi na? Uyangazi. Qalisa ifriji lami ukuba libande futhi, Uzokwenza

na?" Wathi wasukuma wase ehamba futhi wabheka phakathi efrijini lakhe, futhi lase lineqhwa ndawo zonke.

241 Yiba lula nje. Cela nje. Ungacabangi ukukulinganisa. Ungazami ukukutadisha. Kukholwe nje. Ungakulinganisi ngokwengqondo. Kukholwe nje ngomphefumulo wakho.

242 Baba wethu waseZulwini, abaningi baphakamise izandla zabo kulokhu ukusa. Bafuna umkhuleko. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lokhu kuzoba ngukuthinta kokugcina, namhlanje; ngeke besazindla; bazohamba, bekholwa. Siphe khona, Nkosi. Kuyizwi elizwakalayo. Yizwi leVangeli, unyaka wejubili wenkazimulo. Isikhathi sokukhululwa sesilapha.

243 Ungeke yini, ngiyacela, Baba, uthathe ngamunye wabo ubafake ekunakekeleni kwaKho na? Bese ubapha ubisi oluqotho lweVangeli manje. Futhi uma sebevele beluthathile lolo, kwangathi bangemukela inyama eqinile manje, futhi babe ngamaKristu agcwele; bangabe besancetheza neze nezwe, futhi bazitike ezweni; kodwa babe ngabesilisa nabesifazane bangempela, bekholwa izwi eliqondakalayo, ukuthi iVangeli liqinisile, akunandaba ukuthi ubani othi Aliqinisile. IBhayibheli, lonke iZwi, liqinisile. "Abantu bafundisa iMfundiso eyimiyalo yabantu." Kodwa iZwi likaNkulunkulu alisoze lahluleka. Kwangathi bangaLikholwa, namhlanje.

244 Nalabo abangaziphakamisanga izandla zabo, abanelisekile ngempela, kodwa abangaziphakamisanga izandla zabo, siyabakhulekela, futhi, Nkosi, ukuthi Uzobahawukela. Lezizibusiso siyazicela, Baba, ngenxa yokuthi ngoluny'usuku siza ekwaHlulelweni. NoMlayezo walokhu ukusa uzolethwa obala ngaloloSuku. Manje-ke kwangathi umphefumulo wabo ungebahluphe, uthi, "Ubufanele ngabe wakwenza *lokhu*." Kodwa kwangathi kungaba ukuthula esigodini uma bedlula. Ngokuba eGameni likaJesu siyakucela.

> . . . lemiNyaka, ngivulekele,
> Mangicashe njalo kuWena
> Makuthi amanzi neGazi,
> Elagobhoza ohlangothini lwaKho olwalinyazwa
> Libe ngelelapha isono ngokuphindiwe,
> Ngisindise olakeni ungenze ngibe-msulwa.

245 Nkulunkulu othandekayo, uma kubakhona phakathi kwabantu, ngalolusuku, noma yiziphi izinhlupheko, noma yiziphi izifo, noma yini engalungile emzimbeni wabo wenyama; siyakhuleka, Baba, njengoba uMoya oNgcwele ulapha, nje umemeza kakhulu izibusiso, uhlanza imiphefumulo yethu kukho konke ukungalungi, ngeGazi leNkosi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Kwangathi Yona, namhlanje, noMoya waYo omkhulu onxusayo, iziqiniseko zobumsulwa zaKhe ezinkulu

zokuphilisa, makuthi wonke umphefumulo ohlanzekile ubuke ngaphesheya le eKalvari bese uthi, “Lapho Walinyazwa ngeziphambeko zami, nangemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.” Siphe khona, Nkosi.

246 Manje amakhanda ethu ekhotheme. Uma ekhona ozokhulekelwa, ngokugula, ungasukuma ume ngezinyawo zakho, noma ngabe ukuphi. UNkulunkulu akubusise. Kunjalo, sukuma nje ume mpo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . . mthombo,
Ukhululeke kubobonke, umfudlana wokuphulukisa,
Ugeleza uvela emthonjeni waseKalvari.

Esiphambanweni, esiphambanweni,
Yiba yinkazimulo yami njalonjalo; (O Nkulunkulu!)
. . . umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

247 Baba waseZulwini othandekayo, Uyababona bonke laba abamile, Baba. Bamile, ubufakazi, ukuthi bayaKukholwa, Baba.

248 Wena Owakwazi ukuthumela leyo opozamu endala yangena esangweni! Wena Owakwazi ukwenza leyo enkulu, inkunzi eyingozi, eyayimi lapho, futhi yabuyela emuva! Wena Owakwazi ukwenza leyomivi ihambe iyongena ebhokisini! Wena Owakwazi ukubuye uphilise leyonja, inja yami endala yokuzingela, emva kokuhudulwa amamayela angamashumi ayisithupha ngehora, amamayela amabili, ilele iwugongolo, ifile. Ngangiyithanda into endala. Umkhuleko wayibuyisa. Umkhuleko wafaka lowomlenze we opozamu nomkhono endaweni yawo, lowomama omncane, wambuyisela ehlathini, ethokoza! Isandla sikaNkulunkulu ophilayo!

249 LamaKristu linezandla zawo zibekwe phezu komunye, Nkosi. Nami izandla zami ngizibeke kulomfowethu, njengokunikeza inkomba yokuxhumana nawo wonke umuntu osendlini. Singamakholwa, Nkosi. Siyazikholwa lezizinto. SiyaKuthanda.

250 Akukho-zwi elingaqondakaliyo. SiKubonile uphilisa abagulayo, uvusa abafileyo, ukhipha imimoya emibi, ususa imidlavuza, wenza abakhubazekile ukuba bahambe, usindisa imiphefumulo, ungcwelisa ikholwa, ugcwalisa ngoMoya oNgcwele, unikeza ukuPhila okungayikufa; uzwe abafayo, bebonga, befakaza, bedumisa uNkulunkulu, bekholwa Uyabuya futhi.

251 Sidinga usizo, Nkosi. Siphe, Nkosi, ukuthi yonke into eceliwe izophiwa. Imiphefumulo izosindiswa, phezu kwezinto zonke; abahlubuki babuyiselwe. Futhi sikhulekela ukuthi imizimba egulayo izophiliswa njengamanje. Ngithumela lomkhuleko wokukholwa eGameni likaJesu Kristu,

ukuba kuphiliswe abagulayo, ukusindiswa komphefumulo, ukubuyiselwa kwalabo abaphandle, ngeGama likaJesu.

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
(Asisukume!)
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa lonke icala lami,
Futhi ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

252 Manje nina eningahle nikwazi, phakamisani izandla zenu sisacula leli.

Lapho nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo,
Nosizi lwanda macala onke kimi,
O yiba Wena nguMholi wami;
Yala ubumnyama busuke namuhla,
Sula izinyembezi zosizi
Ungangivumeli nanini ngiduke
Ngisuke eceleni kwaKho.

